



# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 200 • SEPTEMBER 2016

## UNDUNANKULU UNCOMA ONGQONGQOSHE NGOKUZIKHANDLA



Ngesikhathi eqokwa ukuba nguNduankulu waKwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu wabeka phambili ukuthi uzoqinisekisa ukuthi oNgqongqoshe bonke basebenza ngokuzikhandla ukwenza izinguquko. UNdunankulu wabala udaba lwezeMfundu, ezomNotho kanye nokuletha ukuthula nozinzo KwaZulu-Natal njengezinye vezinto ezizohamba phambili ezinsukwini ezilikhulu. **Bheka udaba ekhasini 3**

Celebrating our Human  
Treasures by Asserting our  
African Identity  
**#HeritageMonth**

**SEPTEMBER HERITAGE MONTH**

"I'd like to wish you a happy Heritage Month. While we celebrate our cultural diversity, let us also appreciate common threads such as Ubuntu that bring us together. It is essential for us to make a concerted effort to learn about each other's heritage, so we can deepen a mutual understanding of one another. This is what underpins our unity in diversity." Minister Nathi Mthethwa

# OKUNGAPHAKATHI



## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwa kibili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelw esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za Liyatholakala naku: [www.kznonline.gov.za](http://www.kznonline.gov.za)


**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**

**Umhleli omkhulu:**  
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**  
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**  
Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government



### UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL UNCOMA ONGQONGQOSHE NGOKUZIKHANDLA KWABO

#### IKHASI 3

Ngesikhathi eqokwa ukuba nguNdunankulu waKwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu wabeka phambili ukuthi uzoqinisekisa ukuthi oNgqongqoshe bonke basebenza ngokuzikhandla ukwenza izinguquko.

### IYABONAKALA INDIMA ESIKHATHULWE UZIKALALA EZINSUKWINI EZIYIKHULU SELOKHU ETHATHE IZINTAMBO

#### IKHASI 5

Njengoba sekudlule izinsuku eziyikhulu uNgqongqoshe uZikalala ethathe izintambo emnyangweni wezokuThuthukiswa koMonotho ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo sithi asibheke indima esikhathuliwe kulesisikhathi kanjalo nezinlelo zokuqhubezelwa phambili umsebenzi wokwenza ngcono izimpilo zabantu baKwaZulu-Natali.

### OWEZEMPILO UKLOMELISE ASEBE MNKANTSHUBOMVU

#### IKHASI 7

Ukuthanda umsebenzi, ukusebenza ngokuzimisela ukuze kusizakale umphakathi kube ezinye zezinto ezibekwe eqhulwini abasebenzi boMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal abahlonishwe ngezitifiketi emva kukuguba iminyaka ewu-40 ziyibamble.

### IMIKLOMELO YEGOVAN MBEKI

#### IKHASI 10

Izinhlelo nemigomo ehlukahlukene ekuhlinzekeleni ngezindlu zesibonelelo sezibe nemithelele emihle emindenini evile ku 42 000 ehlomile kuzo nonyaka.

### IZINSUKU EZIYIKHULU UNGQONGQOSHE ENGENE EZINTANJENI ZOKUPATHA UMNYANGO

#### IKHASI 12

Noma ethathe izintambo zokuhola uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya isimo simanzono njengalokhu isiFundazwe sisalokhu sizikhatha amanxeba ngenxa yesomiso esigubuzele indawo yonke kodwa uMhlonishwa uThemba Mthembu ukwazile ukuyibamba ishisa kulezi zinsuku eziyikhulu esesikhundleni.




# UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL UNCOMA ONGQONGQOSHE NGOKUZIKHANDLA KWABO

Siyazibophezela singuhulumeni ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zika Sukuma Sakhe ziwasabala ukuqinisekisa ukuthi kunenqubekela phambili komasipala bonke.

## NDABEZINHLE

**N**gesikhathi eqokwa ukuba nguNduankulu waKwaZulu-Natal, uMnu Willies Mchunu wabeka phambili ukuthi uzoqinisekisa ukuthi ongqongqoshe bonke basebenza ngokuzikhandla ukwenza izinguquko. UNduankulu wabala udaba IwezeMfundu, ezomNotho kanye nokuletha ukuthula nozinzo KwaZulu-Natal njengezinye vezinto ezizohamba phambili ezinsukwini ezilikhulu. Okunye okuhambe phambili kulezizinsuku ezilikhulu kube izinhlelo zeKhabhinethi ngaphansi kweOperation Sukuma Sakhe lapho uNduankulu ebeqinisekisa ukuthi zifinyelela kubantu. "Kusihlabe umxhwele ukuba khona komhlango weKhabhinethi yesifundazwe kanye neKhabhinethi yase Free State eholwa ngu Ace Magashule. Lomhlango wadingida ukusebenzisana kwalezifundazwe zombili. Ubugxile ku Operation Sukuma



UNduankulu wesFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu

Sakhe kanye ne Operation Hlasela. Siphinde sagxila kakhulu odabenzi lokulwa nobugebengu phakathi kwalezifundazwe zombili. Kuzoba nethimba elihlanganisa lezifundawe zombili elizosebenzisana ligxile ekutheni

singasebenzisana kanjani ukuqinisa ukusebenzisana."

**Ubuholi Abusebenzisane** uNduankulu uqhube wathi njengoba uhulumeni wesifundawe uhlabela phambili, ikhabhinethi yakhe izimisele ukusebenzisana nazo zonke izinhlelo zomphakathi.

"Kulesikhathi samanje, ukusimama kwentando yeniningi kuncike kakhulu ekutheni bukhona yini ubudlelwano phakathi kwezikhungo ezelukahlukene zobuholi kanye nobuholi obukhethwe ngabantu."

"Ubuholi obukhethwe ngabantu kufanele ngaso sonke isikhathi bube nezinhlelo ezizoqhakambisa ukusebenzisana kwabo bonke ubuholi obukhona ukuze kuthuthukiswe izimpilo zabantu."

Ngizimisele ukuqinisekisa ukuthi siyasebenzisana sonke njengabaholi."

Uqhube wathi akanako ukungabaza ukuthi uma kungase kube khona ukwethembana nokusebenzisana, isifundazwe

Kanye nomasipala bonke bangawazi ukuheha abatshali bezimali lokhu okuyokwenza ukuthi kuvuleke amathuba emisebenzi.

"Abekho abatshali bezimali abangatshala izimali zabo lapho kukhona khona ukungathemba phakathi kwabaholi beboboda."

Ngakho ke kufanele sibambane ngezandla, sithembane siphinde sisebenze ngokuzikhandla," egcizelela. UHulumeni oholwa nguMongameli u Zuma kanye nohulumeni wesifundazwe, kunezhlelo lapho sinokusebenzisana nabaholi bezendabuko. UHulumeni wesifundazwe unezinhlelo eziholwa ngumyango kaCOGTA zokuqinisa izinhlelo zokuxhumana phakathi koMasipala kanye namakhosi asendlunkulu ngaphansi. Uqhube wathi:

"Kuliqiniso ukuthi Amakhosi nawo ahiale ezwa izikhala zo mphakathi kwazise phela ukuthi izikhungo zikamasipala kanye nezikahulumeni zisezindaweni

zamakhosi. Ngakho ke uma kuzoqinisa ubudlelwano kuphinde kuhlonishwane – ubuholi bukamasipala buzokwazi kabanzi ngezidingo zomphakathi, futhi sizokwazi ukuhlela kahle izinhlelo zentuthuko sisebenzisana namakhosi asendlunkulu."

"Ngakolunye uhlangothi, namakhosi azokwazi ukusiza umphakathi aphinde aqinisekisa ukuthi usizo kanye nentuthuko kuza ngokushesha. Lokhu kusebenzisana kuhlanganisa nabaholi bezenkolo, ngisho abefundisi." UNduankulu uthe empeleni lokhu akhulumu ngakho yiyona ntando yeningi. Intando yeningi ibeka phambili ukuxhumana, ukulalelana kanye nentuthuko. Uma lokhu kungekho leyo akuyona intando yeningi.

"Siyazibophezela singuHulumeni ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zika Sukuma Sakhe ziwasabala ukuqinisekisa ukuthi kunenqubekela phambili komasipala bonke."

## UNduankulu ubungaze uMkhosi woMhlanga eNyokeni

UMkhosi womhlanga ufundisa inhloniphophi, uphinde ufundise ukuziphatha ebantwaneni abancane ngakho ngiyaziqhenya ngalezimbali zesizwe ngoba baningi abamele nazo kwazise nama "blessing" abhokile.

## NOLWAZI NUZA

UNduankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu uhambele umkhosi womhlanga esigodlwensi saseNyokeni KwaNongoma, lapho encomie iSilo ngokusungula umkhosi womhlanga ukusukela ngo 1984.

Enkulunweni yakhe uMnu uMchunu uthe uHulumeni uyaweseka umkhosi womhlanga futhi akukho okuyobavimba ekutheni baweseke ngoba ugqugquzela ukuziphatha kwentsha nokuzithiba ocansini uphinde futhi ubuyise isithunzi saKwaZulu-Natal.

UMacingwana uqhube wathi uMkhosi womhlanga ufundisa inhloniphophi nokuziphatha kahle kumantombazane asemancane ayizimbali zesizwe. Uthe uyaziqhenya ngalezimbali zesizwe

ngoba baningi abamele nazo kwazise nama "blessing" abhokile. UNduankulu uthe,

Umkhosi womhlanga wenza isizwe sibuyelwe ithemba lokuthi izwe liyophathwa ngezandla ezifudumele, ngenhloniphophi nangokukhulu ukucophelela kwazise intsha iyona ezoba ngabaholi bakusasa."

UMnu uMchunu uphinde wakhumbuza intsha ukuthi inhloniphophi iyona ehamba phambili kanti kumele yazise namasiko ayo ukuze kungeke kubelula ukudukiswa abezizwe, iphinde iziqhenye ngamasiko ayo ngoba uma ihluleka ukwenza njalo abezizwe bazosebenzisa lobobuthaka ukuyibukela phansi.

UNduankulu ugxeke kakhulu isenzo sothisha abalala nezingane

zesikole, uthe kuyabajulisa ukuthi umsolwa wasesikoleni saseNquthu eKucabangeni Secondary useboshiwe futhi unethembala lokuthi uzothola isigwebo esimfanele ukuze kubeyisibonelo esishubile esizovusa unembeza siphinde sikhuze nabanye ababuka izingane zesikole ngeso elingalungile.

UMacingwana uzwakalise ukukhathazeka kwakhe ukuthi iningi lentsha alisebenzi yingakho uHulumeni enezinhlelo eziningi zokuthuthukisa intsha.

Esephetha ubonge kuHlanga lomhlabathi ngeqhaza alibamble ukuqinisekisa ukuthula nokuphepha kulesiFundazwe ngesikhathi kubanjwe ukhetho loHulumeni basekhaya. Ubuye wagxeka izigameko zokubulawa



kwababengenele ukhetho njengamakhansela wathi.

"Lezigameko zizokwenza abantu bazi isiFundazwe

saKwaZulu-Natal njengesisakholelwa ekuchithekeni kwegazi ukuze kutholakale izixazululo."



**SIYAQHUBA!**  
sisemkhankasweni **wokuguqula**  
**izimpilo zabantu**

# UNDUNANKULU EMHLANGANWENI NABANTU ABADALA

THOBEKA MALINGA

**E**mhanganweni abe nawo nabantu abadala uNdunankulu waKwaZulu-Natal, uMnu Willies Mchunu ubabonge kakhulu ngokuthi bayazikhulumela ngezinto ezibathintayo. Lomhlangano ubusemaHovisi kaNdunankulu eMgungundlovu. Enkulumweni yakhe ubongele isigungu esisanda kukhethwa sabantu abadala esiholwa ngumama uDaphney Memela wabuye wasikhuthaza ukuba sigxile ezinkingeni eziLangabezana nabantu abadala. UMacingwane ubuye waphawula ngesifo sokukhohlwa esiyaye sihlasele abantu abadala.

Uhlabe umkholi wawubhekisa kumphakathi jikelele ukuba bavikele abantu abadala.

Uphethe ngokuthi uHulumeni awuholayo uzibophezele

ekusekeleni abantu abadala ngoba bayinsika yesizwe futhi yibo kanye abakuqe inqolobane yowlazi. USihlalo wesigungu sabantu abadala umama uDaphney Memela ubonge kakhulu uNdunankulu ukuba azinike isikhathi sokuxoxa nabantu abadala. Ubuye wabonga uNgqongqoshe wezeMpilo njengoba imizimba yabo isibuthakathaka sebeyakwazi ukuthola usizo olusheshayo emitholampilo. Waphinde wabonga uNgqongqoshe wezeMidlalo nokungcebeleka njengoba sebenzindawo zokuba bazivocavoce. Naye usike kwelijikayo ngesifo i-Alzheimer esiyaye sihlasele aabantu asebekhulile ngenxa yokuhamba kweminyaka.



UNdunankulu waKwaZulu-Natal, uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mchunu kanye nezakhamuzi zesiFundazwe esezikhulile behlangene kwi-Provincial Senior Citizens Forum. Isithombe: **THEMBA MNTYALI**

## Ube impumelelo umcimbi wabesifazane obuhlelwwe iHovisi likaNdunankulu

NOLWAZI NUZA

Ibe impumelelo i-60th Womens Day Celebration ebihlelwwe abesifazane abasebenza eHovisi likaNdunankulu.

Lomcimbi ugale ngokuhambela isikole saseHopewell i-Mlulama Secondary School eMgungundlovu lapho okunikezwe khona abafundi bamantombazane bebanga lesithupha izipho kwaphinda kwaba nezinkulomo eziLabhosile ezivela kwabeszempilo kanye noNkosikazi PD Khumalo osabambile njengomqondisi jikelele eHovisi likandunankulu, uphinde waqhubeke lomcimbi e-Kershaw Park khona eMgungundlovu lapho

kube nezinkulomo eziqondiswe ngqo kubantu besifazane nokuthi bangazithuthukisa kanjani.

Lomcimbi ubuqondiswe kakhulu kubafundi bamantombazane ukuthi kumele baziphathe kanjani nokuthi babhekane kanjani nezingqinamba abahlangabezana nazo usuku nosuku.

Baqgugquzelwe abafundi ukuba babeke imfundu phambili kanye nenhlonipho ikakhulu abazali babo kanye nothisha ukuze baphumelele empilweni, baphinde benze kahle nasesikoleni kwazise ibona abafundi abazoba ngabaholi bakusasa.

Lomcimbi uphelele epaki e-Kershaw Park lapho izinkulomo ziqhubekhe khona ebeziququzela abantu besifazane ukuba baphumelele kukho konke abakwenzayo.

Ezinye zezikukuthwane ebezihambele lomcimbi kubalwa abadlali bamabonakude uZalo kanti umphathi wohlelo kube uMondli Mzizi ongusomahlaya odume kakhulu ezinkundleni zokuxhumana.



## UZikalala uphosele inselelo osozimboni

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMyelo, umhlonshwa uSihle Zikalala usephonsele inselelo osozimboni baKwaZulu-Natali ukuthi basebenzisane noHulumeni ukuze kuqiniwe umkhankaso wokwakha umnotho osimeme nokwakha amathuba emisebenzi esifundazweni.

UZikalala ubekhuluma esidlweni sasekuseni esaziwa ngokuthi yi Growth Coalition breakfast eThekwini ngesonto elidlule.

IGrowth Coalition isigungu esaqlawa uHulumeni waKwaZulu-Natali ngokubambisana nosozimboni ukwaqinisa amaxhama okuxhumana phakathi kwalezizinhlaka ukuze kuthuthukiswe umnotho.

Lesigungu sakhiwa ngonyaka ka 2000. Ekhuluma esidlweni sasekuseni eThekwini ngesonto eledlule, uZikalala uthe izinselelo eziphekkene nomnotho waseNingizimu Afrika zingalungiswa kuphela uma kugxiliswa izimpande zokusebenzisana phakathi kukaHulumeni nosozimboni.

"SinguHulumeni zisivulile izandla ngoba sikuqonda kahle ukuthi bkuze siye phambili kufanele sisebenzisane nazo zonke zizinhlaka ezikhona emphakathini yakithi ikakhulukazi osomabhizinisi.



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMyelo umhlonishwa uSihle Zikalala kanye no Governor wesiFundazwe sase Guangdong uMnu Zhu Xiaodan

Umsebenzi wethu omkhulu ukujinisekisa ukuthi senze isimo osozimboni abasebenza kusona sibe lula ukuthi bakwazi ukuvula amathuba omsebenzi. Yingakho nje sesakhe izikhungo zokuthi bonke abantu abafuna ukutshala izimali ezweni lakithi bakwazi ukuthi bakwenze lokhu ngaphandle kwezihibe. Lezikikhungu zaziwa ngokuthi ama investment centres kanti sizenza ngokubambisana noMnyango wezoHwebo nezimboni ezingeni likazwelone.

Lezikikhungo zizoba nendawo zokukhokha intela, amahhovisi kaHome Affairs, amahhovisini omnyango wezoLimo, amahhovisivi omnyango wezezimboni,

amahhovisi omnyango wokubambisana phakathi komasipala, amahhovisi omnyango wezamanzi, njalo njalo. Isikhungo sokuqala esizosakha sizoba seThekwini." UNgqongqoshe uZikalala uthe iqiniso elingeke lipikwe ukuthi isifundazwe saKwaZulu-Natali sincintisana nezinye izifundazwe ekuhhehheni abatshali zimali. "Ngakho ke akufanele sizithele ngabandayo ngoba uma abatshali bezimali befika lapha esifundazweni sakithi kodwa bengalutholi usizo, bazoya kwezinye izindawo. SinguHulumeni sizimisele ukuthi lokhu kungenzeki ngoba sikuqonda kahle usizi Iwabantu bakithi abangasebenzi

ingenxa yokugqoza kwamathuba omsebenzi. Yingakho nje sizinikeze umthwalo wokuthi sizokwenza konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi sisebenza nosozimboni ukuzwa ukuthi iziphi izinto ezingazilungisa zinguHulumeni ukuqinisekisa ukuthi isifundazwe sethu sidle ubhedu ekuhhehheni abatshali zimali." UNgqongqoshe uZikalala uphinde wamemezela ukuthi umnyango wakho usuqo eithimba elizobhekela ukuthi yonke imigoqo evimba osozimboni ukuthi bafake izimali zabo esifundazweni isuswe.

"Lelithimba lizokwaziwa ngokuthi yiProject Brokerage Unit, kanti umsebenzi walo ukuqinisekisa ukuthi uma kunentuthuko ezayo azikho izinto eziyivimbayo. Lapha sikhulumna ngezinto ezbuye zisalele emuva uma kuza intuthuko, zigcine sezenza osozimboni balahle ithemba.

Njengoba sazi sonke, uma kuzoba nentuthuko kufanele kualwe kubhekwe ukuthi indawo ezokwakhwa kuyona iwulungele yini lovo msebenzi ngokwesimo sendawo nemvelo. Sesikuqaphelile ukuthi loluhlelo olubalulekile olwaziwa ngokuthi yiEnvironmental Impact Assessment, kwesinye isikhathi luthatha isikhathi eside bagcine amatshali zimali sebelahle ithemba. Kanjalo futhi nohlelo lokuthola imvume yoluteha izidingo

ezifana namanzi kwithuthuko nalo luthatha isikhathi eside. Yingakho nje siqoke lelithimba ukuthi lisebenze nazo zonke izinhlaka ukususa imigoqo evimba intuthuko. Akekho ongabona ukuthi isimo somnotho asisihle kahle ngakho ke kufanele sonke sisebenzisane ukuqinisekisa ukuthi senza izinto zibe lula, ngaphandle kokuphula umthetho, kosozimboni bethu."

UZikalala uphinde waphosela osozimboni inselelo ukuthi basenzisane noHulumeni ukuvula amathuba omnotho kubona bonke abantu. "Njengoba nizokhumbula, ngonyaka ka 2000 ziningi izinto esavumelana ngazo ekufanele sizenze ukuthi sisintshe umnoth wesizwe sethu. Lokhu kumbandakanya ukuthi abantu bakithi bakwazi baqhoqhabale izikhundla eziphezzulu ezinkampanini eziphezzulu, nokuthi abantu bakithi bakwazi ukuthi bavule amabhizini ngaphansi kohlelo Iwe Black Economic Empowerment. Kodwa iqiniso elingephikwe ukuthi ayiyinkulu indima esisiyikhathulile njengoba umnoth wesifundazwe usaphethwe idlanzana. Ngakho kufanele sisebenzisana ukushitsha lesismo ukwakha umnoth ozothuthukisa bonke abantu bakithi inselelo ebheke ithina sonke. Akusiwona umsebenzi kaHulumeni kuphela."

# IYABONAKALA INDIMA ESIKHATHULWE UZIKALALA EZINSUKWINI EZIYIKHULU SELOKHU ETHATHE IZINTAMBO

SIYABONGA MAPHUMULO

**N**jengoba sekudlule izinsuku eziyikhulu uNgqongqoshe uZikalala ethathe izintambo emnyangweni wezokuThuthukiswa koMonotho ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo sithi asibheke indima esikhathuliwe kulesisikhathi kanjalo nezinhlelo zokuhubezela phambili umsebenzi wokwenza ngcono izimpilo zabantu baKwaZulu-Natali.

Njengoba ezomnotho zithathwa njengesekelo sokwakha isizwe esithuthukayo nesinekusasa eliqhakazile, umnyango oholwa uNgqongqoshe uZikalala yiwo obhekene ngqo nenselelo yokuqinisekisa ukuthi yize abamnyama bazuzu inkululeko yezeppolitiki eminyakeni engamashumi amabili nambili edlule, kepha kumele manje kuqinisekiwe ukuthi baphinde futhi bazuza inkululeko nakwezomnotho. Ngaleyondlela kuyijoka lalo mnyango oholwa uKhuzeni ukufeza umbono wokuguqula ukuphathwa kwezomnotho kwisifundazwe, phecelezi iradical economic transformation ukuze usebenzele wonke umuntu, uqinisekise futhi ukuthi abantu abamnyama, iakhulukazi intsha kanye nabesimame abaphenduki nje izibukeli kepha nabo bazimambela mathupha ekukhuliseni komnotho wesifundazwe sabo. Kuningi-ke osekwenziwe kulezinsuku zokuqala ezingamakhulu selokhu uNgqongqoshe uZikalala angena esikhundleni ukuze kuphunyeleliwa lo mbono kanti namagalelo obuholi bukaKhuzeni aseqalile ukubonakala.

**Inqungquthela yeDrakensberg Cable Car**  
Ngeviki lokuqala uZikalala engine ehhovisi akazange apholise maseko kepha waqinisekisa ukuthi umsebenzi wokuphuthumisa intuthuko kubantu uquhubeka ngesivinini. Lokhu kwafakazelwa ukuthi abize ingqungquthela ebalulekile yokuhelela ukuqhubeuka komsebenzi wokhwakhiwa kwengqola yekhesi iDrakensberg Cable Car nezotshenziswa izivakashi ukuze zibuke ubuhle bezintaba zoKhahlamba zikwelonyoni. Le ngqungquthela eyaba ngenkulu impumelelo yayithanyelwe izazi kanye nochwepheshe abaphuma emazweni ahlukahlukene emhlabeni ukuze azochushisa iKwaZulu-Natali ngolwazi olunzulu lokwenza le projekthi yokwakhiwa kwe-Cable Car ibe yimpumelelo. Ekhuluma kuleyangqungquthela eyayihambisana nombukiso wama-Cable Car akwezinye izindawo emhlabeni uZikalala watusa kakhulu iqhaza labaholi bendabuko okuyibo abatshengisa ukuyithakasela kakhulu intuthuko



yeCable Car esho nokuthi izoguqula isimo somnotho iphinde idale namathuba emsebenzi emphakathini eyakheleni nezintaba zoKhahlamba. "Uma sibheka amazwe afana nase-Armenia okuyizwe elisemgceleni weYurophu ne-Asia, ephinde futhi ibe necable car ende okuwedlula wonke amanye emhlabeni siyathola ukuthi isibalo sezivakashi ezihamela leliya lizwe sakhula sisukela ku 2000 ngaphambi kokwakhiwa kwecable car sayofinyelela ku70 000 ngonyaka emva kokuthi yakhiwe, kanti-ke akugcina lapho kepha kwaphinde kwakhiwa namahhotela kanye nezindawo zokulala ezibalelwu ku-25 nokwadala amathuba emsebenzi abalelwu ku200." UZikalala wathi kwenzenka into efanayo nasezweni lakwa-Israyeli lapho khona okwenyuka ngendlela eyisimanga isibalo sezivakashi emveni kokuthi kwakhiwe icable car ezintabeni zaseMasada. "Lokhu-ke kusitshela ukuthi nathi sisemzileni oyivo siyisfundazwe saKwaZulu-Natali ngoba sibheke ukuthi iDrakensberg Cable Car ilethe amathuba amanigi emsebenzi ebantwini bakithi iphinde futhi ithuthukise umnotho wendawo nowesifundazwe ngokuhula komthamo wezivakashi ezizobe zivakashela ezintabeni zoKhahlamba."

**Inqungquthela yeZemvelo.** UNgqongqoshe uZikalala njengoba aphinde abhekele ukunakekelwa kwemvelo wabe esebeza ngokushesha ingqungquthela yezemvelo nokwaba isinyathelo esibaluleke kakhulu kwazise kuyo yonke intuthuko eyenzekayo kuyaye kube nemigomo elawula leyontuthuko esuke ihlongozw. Lokhu-ke kwenza kubaluleke ukusebenza ngokubambisana phakathi kukahulumeni nezimboni zangasese ukuze kubhekwe izihibe nezinselelo bese kuqhanyukwa nezisombululo. Ingqungquthela eyabizwa uKhuzeni eyaziwa nge-

Environmental Summit kwakuhloswe ngayo ukubonisana ngalezinselo nokuthi ikhuphi lapho kungabanjiswa khona. Uma-ke kukhulunya ngokubhekelwa kwezemvelo kwintuthuko kusuke kukhulunya ngezinto e ezifana nama Environmental Impact Assessments (EIA) okuyimvume okufanele ithokalane ehambisana nesimo sendawo nemvelo lapho khona kuzoba khona intuthuko.

Owafike kwahlaluka kuleyangqungquthela ukuthi osozimboni bagcina sebengenawo umfutho wokutshala izimali esifundazweni sakithi ngenxa yokuthi uhulumeni, kwesinye isikhathi, uthatha isikhathi eside ngaphambi kokuthi ukhiphe lezimvume. Ngokusho kukaNgqongqoshe uZikalala lokhu kupetha ngokudikibala kwabatshali zimali nabagcina kokunye sebebheka kwezinye izindawo ukuyotshala khona imali nokuyinto engagcina isilimaze ukusimama komnotho wesifundazwe saKwaZulu-Natali.

"Sesizibophezele ekutheni sizosebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi lezizimvume zikhishwa ngesikhathi ukuze siqhubek nomkhankaso wethu wokwakha amathuba omsebenzi nokuletha izimboni ezifundazweni sakithi," kusho uNgqongqoshe uZikalala. Phakathi kwaloku wabala ukusungulwa kwe-One Stop Shop kuMasipala weTheku nokuzoba amahovisi azobhekana ngqo nomsebenzi wokuqikelela ukuthi abatshali zimali bahlangatshezwa ngosizo ukuze bakwazi ukuqhube umsebenzi wabo ngale kwezithyo.

"Ngokubambisana neminnyango ehlukahlukene efana nomnyango wezentela uSARS, ikhomishane ebhekele imithetho yokusebenza kwezinkampani iCompanies and Intellectual Property Commission, uMnyango wezaseKhaya, umnyango wezaManzi, oweZolimo, njl,njl." UZikalala wathi

lesisinyathelo esithathwe uMasipala weTheku singesibaluleke kakhulu nokubhekwe ukuthi sisetshenziswe nakwabanye omasipala, ikakhulukazi abakhulu abafana noMsunduzi ukuze kuphuthunyiswe ukutshalwa kwezimali nakubo.

## Ukulethwa kwezinkampani ezinkulu eKZN.

Kanti kuzo lezinsuku eziyikhulu eziidlule uNgqongqoshe uZikalala eseqhulwini lokuhola umnyango wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo bezilokhu ziqhubeke njalo izinhlelo zokuxoxisana nezikhondlakhondla zezinkampani ukuba zizozinza esifundazweni saKwaZulu-Natali.

Phakathi kwalezi zinkampani kungabalwa ukwethulwa ngokusemthethweni kwemboni ekhiqiza amakhondomu laphaya eDube Trade Port. Lo msebenzi ozobiza imali engu R150-million, owethulwa ngesikhathi kusingethwe ingqungquthela enkulukazi yokulwa nobhubhane Iwengculazi eyayibanjelwe eThekwini uchaza ukuthi iKwaZulu-Natali izoba indawo yesibili kulo lonke leli ukuba nemboni ekhiqiza amajazi omkhwenyana.

UNgqongqoshe uZikalala waphinde washayela ihlombe lkzn Growth Fund okuyisikhungo esibolekisa ngemali yokusiza osomabhizinisi esingaphansi koMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo okuyiso esafaka isamba esingango R42.5 million ekutheni lo msebenzi uquhubekwae kusisebenzi enkampanini yangasese ezinze eMelika I-HBM.

Kanti kuphinde futhi kwavulwa imboni eyakha ifenisha laphaya elokishini la KwaMashu ngokubambisana nomasipala weTheku nokuyixathu elibaluleke kakhulu ekudalen i amathuba emsebenzi nokuthuthukisa amakhono ikakhulukazi entsheni ehlala laphaya emalokishini asenyakatho nedolobha le Theku okuyiNanda, Ntuzuma, KwaMashu.

Kanti uKhuzeni umbhidlango wakhe wokujinisekisa ukuthi ezmootho zibuyela ezaandleni zalabo ababencishwe amathuba enkathini edlule waphide wawuyisa laphaya enyakatho nesifundazwe lapho ethula khona ukunwetswa kwasizinda sezimboni iRichards Bay Industrial Development Zone.

Ephawula ngazo zonke lezi zinhlelo kanye nezinye ezisazokwethulwa enkathini ezayo, uNgqongqoshe uZikalala wathi: "Okubalulekile ukuthi sqinisekisa ukuthi sibeka eceleni isamba esithile kuyo yonke imisebenzi kahulumeni ukuze kuhlomule intsha, abantu besifazane kanye

nabantu akhubazekile njalo njalo uyaqhubeke. Kanti-ke sifuna ukusho futhi ukuthi nosomabhizinisi abasakhula kanye nemifelandawonye nabo kumele bahlomule ngendlela ebonakalayo kuhulumeni wethu. Ngaleyondlela sisezingxoxweni neminyango ehlukahlukene efana neyezelMpilo, ezamaJele njl, njl, ngoba sifuna ukuthi imikhiqizo yokudla kanye nokunye okuqhamuka kwimifelandawonye yetu kanye nosomabhizinisi abasafufusa kubeyiyo ephakela izikhungo zikahulumeni ngoba ngaloyendlela siyobe siqinisekisa ukuthi ngempelazidla ekhaya, asigcini nje ngokusebenzia amabhizinisi ongiwankulu," washo kanje.

## Ukwendulwa kwenkampani kagesi kanye nesikhwama sokusiza umphakathi

Kanti muva nje uNgqongqoshe uZikalala uphinde wahambela laphaya KwaDukuza ngokumenya inkampani ebizwa ngokuthi i-Avon Peaking Power Plant egxile kwezokuphehlwa kwamandla kagesi ngokusebenzia izindlela ezintsha nezingayihlumezi imvelo. Lokhuke kuyigxathu elibaluleke kakhulu kwazise izwe lethu libhekene nenkinga kokuswelakala kukagesi njengoba no-Eskom nje ungakwazi ukuhambisana nomthamo omkhulu odingekayo ezweni. Le nkampani esivule isikhumulo sikagesi laphaya kwaDukuza esiphehlwa ugesi ocela ku-700 kilowatts yaphinde yakhipha imali engu R2.5 million yokuthi kuthuthukiswe amakhono emphakathini wakwaDukuza.

UNgqongqoshe uZikalala wachaza lesiszeno njenge "ngood corporate social responsibility" nokusho ukuthi izinkampani zibuyisela emphakathini ezisebenzela kuyo. "Thina-ke njengohulumeni sibheke ukuthi lemali isize kakhulu intsha njengoba ngokwezibalo ezikhishwe iStats SA, abantu abaneminyaka ephakathi kuka-15 kuya ku-34 bayingxene engu 36.2% yabantu balapha eNingizimu Afrika. Kephaklesisibalo, u31.2% wabantu abaneminyaka ephakathi kuka-25 no 34 abasebenzi. Ngaleyondlela sibheke ukuthi nanoma yiziphi izinhlelo eziqhamukayo kubebantu abasha abahlomula kuqala kuzona kanti nakuloluhlelo Iwe-Avon kumele kubebantu ababhekelela kuqala," kusho uNgqongqoshe. Waphinde wakushayela elikhulu ihlombe ukuthi ilethe amathuba emsebenzi angu 1500 emphakathini kanti futhi lesisibalo kulindeleke ukuthi sikhule eyishumi nanhanlu ezayo kuphinde kuvele amanye futhi nokuyinto eyothuthukisa amakhono ebantwini bendawo.

**"Akekho ongaboni ukuthi isimo somnotho asisihle kahle ngakho ke kufanele sonke sisebenzisane ukuqinisekisa ukuthi senza izinto zibe lula, ngaphandle kokuphula umthetho, kosozimboni bethu"**

# BASUKE BEPHETHWE UKUGULA I-INSOMNIA ABADALA OKUTHIWA BAYAHAMBAHAMBA

**MINENHLE MNCWANGO**

Hhovisi IoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi elizine endaweni yase-Richmond entshonalanga yesiFundazwe saKwaZulu-Natali, ngaphansi kwasifunda uMgungundlovu, lixwayisa umphakathi ukuthi kumele uqonde ukuthi ukukhula komuntu noma ukuguga kuhambisana nezifo ezifana nalesi esaziwa ngokuthi yi-insomnia. Lokhu kwenzeke ngesikhathi kunomkhankaso owaziwa nge-Victim Rights, okusuke kuhloswe ngawo ukucobelelana ngolwazi lokuthi uma umphakathi ufcwa yisimo sokuhlukumezeza yiziphi izinyathelo abangazithatha.

Lomkhankaso ububanjelwe eSilahla Community Hall ku-wadi 2, ngaphansi koMkhandlu waseRichmond.

Okugqame kakhulu kulomcimbi kube ucwaningo lwakamuva oluvezu ukuthi sekubekhona izigameko eziningi ezibikiwe zokubulawa kogogo nomkhulu besolwa ngokuthakatha njengoba besuke betholwe behambaze, kuthiwe bayahambahamba.

Ekhulumka kulomcimbi, uMnumzane uJames Pathler, oyisikhulu eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi, ukucacise ngokusobala ukuthi ukukhula komuntu omdala kwenza kube sengathi ulahlekela umqondo. Uthe: "Ngenxa yalesi sifo kuyenzeka ogogo nomkhulu batholakale behamba nqunu, lokho akusho ukuthi sebeyathakatha.

Siyaxusa mphakathi ukuba nazi ngalesi sifo ngoba uhulumeni angeke akubekezelele ukuhlukunyeza kwabantu abadala." Kubuye kwavezwa nokuthi kunomkhuba odlanglelwenziwa ngabazali bezingane, wokuziganisa ngenkani ngoba kuvikelwa izigilamkhuba ezisuke zidlwengulile bese zigijima ziyoxisana nabazali. Kwensiwe izincomo zokuba kuboshwe noma ngabe umzali wengane oyidlwengulile. Ezinye izinhlobo zokuhlukunyeza ezichaziwe kube ukuhlukumezeza ngokomqondo, ukuhlukumezeza emoyeni, ukuhlukunyeza ngokocansi noma ukudlwengulwa, ukuthwala kanye nokupanswa komuntu wesifazane



UNkosikazi Busisiwe Mbusukwe, obevela eMnyangweni weZobulungiswa kanye nokuHlunyeleliswa kweziMilo, emcimbini wokuwashisa umphakathi waseRichmond ngokuhlukumezeza.



Umphakathi waseRichmond obuhambele umcimbi wokuwashisa ngamalungelo abo uma behlangabezana nesimo sokuhlukunyeza owaziwa nge-Victims Rights.

engathandi, kanjalo nokubalekela ukondla kobaba bezingane.

Udonswe ngendlebe umphakathi ngokuthwalwa kwamantombazane

ukuthi ozithola enza lokho uyobhekana nengalo yomthetho.

Bekukhona nemiNyango kahulumeni eyehlukahlukene, okubalwa kuyona uMnyango wezokuHlunyeleliswa kweZimilo noBulungiswa, i-National Prosecuting Authority, uMnyango wezeMpilo, uMnyango wezeMfundu, iNhlangano kaHulumeni eyaziwa nge Legal Aid, amaphoyisa akwa-SAPS kanye nenhlangano engenzi nzuko ebizwa nge-SANCA, esiza labo abacwile ezidakamizweni, nenhlangano yamadoda esifundazweni i-Provincial Men's Forum. Ethula amazwi okubonga kulomcimbi, uNkosazana Lungi Blose, ongumphathi wehhovisi lase-Richmond, ubonge umphakathi ngokuphuma ngobuningi bawo wabe esewunika ithemba lokuba bazohlala beweseka ngazikhathi zonke. "Siyakuqinisekisa ukuthi uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uzohlala unani ngazikhathi zonke ngoba uyikhaya lenu okumele nihlale nthokozile ngalo."

## Amathuba amasha kubasebenzi abagogode kwezamakhompyutha eSikhali TVET College

**NOMTHI NDELU**

UNggongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, usebashayele ihlombe abasebenzi boMnyango abagogode ezipfundweni zamakhompyutha emcimbini obubanjelwe eSikhali TVET College muva nje. Bangamashumi amabili nanye abasebenzi boMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi abahlomule negezitifiketi emva kokuqeqeshelwa ukusebenzia amakhompyutha ohlelweni olukhulu luka hulumeni lokufundisa abantu abadala ukufunda, owaziwa nge-Adult Education and Training (ABET).

Inhoso enku yalezi zifundo ukuba abasebenzi bathole imisebenzi engconywana ukuze bakwazi ukulekelela izingane zabo.

Laba basebenzi bebeyingxenyeye zisebenzi zikhulumeni eziqhamuka eMnyangweni eyahlukahlukene ekade beklyonyeliswa negezitifiketi.

UMnumzane S.R. Mncube, oyibamba IoMqondisi eMnyangweni wezeMfundu, uthe uNgqongqoshe wezeMfundu ePhakeme, uMnumzane Blade Nzimande, wayibona ibalulekile imfundu yabantu abadala, khangangokuba waze wasungula ithimba elizobheka ukuthi ngabe

abasebenzi bafunda izifundo ezihambelanayo yini nemisebenzi abayenzayo. Uthe: "Wathi uNgqongqoshe akusizi ukuthi umuntu ene izifundo ezingeke zimsize ngalutho emsebenzini wakhe. "Lolu hlelo Iwemfundo yabadala lufundisa luhphinde luqeqeshe abasebenzi. Selwenabele ngisho emiphakathini ebingakwazi ukuya ezikhungweni zempundo ephakeme, ukuze kwensiwe ngcono izimpilo ngokwenhlaho nangokomnotho," kusho uMnumzane Mncube.

Lomcimbi ubuhlelwe yihovisi likaNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natali.

UNkosazane Ndlovu, oqashwe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ehhovisi iZakhe Place of Safety, onikwe isitifiketi sekhompyutha, uthe ubonga kakhulu uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ngaleli thuba eliyinqayizivele alitholile. Uthe: "Ngiqale ukufunda ngenza ulevel 4, okuthe ngo 2014 ngathola isitifiketi sikamatikuletsheni.

"Kwangagcina lapho ngabuye ngenza izifundo zekhompyutha, nokungisize kakhulu ngoba manje sengiyakwazi ukusebenzia ikhompyutha njengoba kumele senze imibiko ngomsebenzi

esiwenzayo," kusho uNkosazane Ndlovu. UMnumzane Fazel Sufler, onguMqondisi Omkhulu ehhovisi likaNdunankulu wesiFundazwe sakwaZulu-Natali, uhalalisele abasebenzi beMnyango ehlukahlukene abazihlomulele ngezitifiketi zamakhompyutha, okubalwa kuyo uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, ovezokuThutha, kanye nowezeMfundu.

UMnumzane Sufler uthe: "Qhubekani nokufunda ngokuzimisela ngoba kunomvuzo omuhle ekugcineni. Imfundu iyilungelo lawo wonke umuntu futhi iyasiza ekuthuthukiseni abantu kanye nasekulweni nobubha, ikakhulu emiphakathini njengoba kunokungalingani ngenxa yokungawatholi amathuba noma ukungabi namali yokuqhubeke nezifundo."

Uthe uMnyango wezeMfundu unomsebenzi osemahlolome awo wokuqinisekisa ukuthi uyalwisanwa nokungafundi kwezakhamuzi zaseNingizimu Afrika.

"Ezintweni eziyishumi uMengameli weZwe azibeke eqhulwini, imfundu ingenye yeziqokwa, kusuka emazingeni aphansi kuya kwaphewulu," kusho uMnumzane Sufler. UMnumzane Sufler uphinde wanxusa ababhekelene



Abasebenzi bakaHulumeni ngosuku lokukhishwa kwezitifiketi zamakhompyutha ohlelweni luka ABET



UMnumzane Fazel Sufler, Nkosazane Reginah Phakathi kanye noMnumzane Zungu (onguMphathi wease-Umfolozi TVET College) benikezelu ngesitifiketi komunye wabasebenzi boMnyango

nabasebenzi, phecelezi Human Resources, ukuba bafake kakhulu imali yokufunda ukuthuthukisa abasebenzi beMnyango yabo,

njengoba nosomqulu wamalungelo abantu, phecelezi, i Bill of Rights, ikubeka ngokusobala ukuthi wonke umuntu unelungelo lokufunda.

**"Inhoso enku yalezi zifundo ukuba abasebenzi bathole imisebenzi engconywana ukuze bakwazi ukulekelela izingane zabo."**



# OWEZEMPILO UKLOMELISE ASEBE MNKANTSHUBOMVU

**U**kuthanda umsebenzi, ukusebenza ngokuzimisela ukuze kusizakale umphakathi kube ezinye vezinto ezibekwe eqhulwini abasebenzi boMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal abahlonishwe ngezitifketi emva kukuguba iminyaka ewu-40 ziyibamble. Laba basebenzi ngo cube uMnuz Jubulani Gumede ongumshayeli; kube wuNksz Shanti Ramkilowan oyisekela nhloko weKolishi yobuNesi esifundazweni; kanye no Nksz Prasheeka Padayachee ongumqondisi omkhulu ehhovisi Iakwa-Executive Support Services lapha eMnyangweni wezeMpilo.

Emhlanganweni wobuholi boMnyango obuse-Natalia buildings eMgungundlovu, uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo kanye neNhloko yoMnyango uDkt. Sifiso Mtshali bahalalisele laba basebenzi abathathu ngokusebenzela uMnyango wezeMpilo noHulumeni waKwaZulu-Natali ngokuzikhandla nangokwethembeka.

"Sinenhlanhla enkulu ukuthi sibe nabantu abazinikela kangaka emsebenzini wabo. Banikeza ugqozi futhi bayisibonelo nakwabanye. Siyababongela kakhulu," kusho uDkt Mtshali.

UNgqongqoshe Dhlomo wengeze ngokuthi:

"Siyabahalalisa labo zakwethu abakhethenkile, abasebenza ngokwethembeka okungaka. Kukancane kakhulu ukuthola uhlolo Iwabantu abathembeka kangaka emsebenzini wabo. Phakathi kwabo banolwazi olunzulu abaluthole kuso sonke lesi sikhathi besebenza.

Lokhu angeke sakukhkhela mali, umsebenzi abawenzile ungapezulu kwemali. Sinethemba lokuthi abanye ozakwethu bazofunda kubona."

Nazi izindaba ngabo:  
**JABULANI GUMEDE:**  
UMnz Jubulani Gumede, 64, ungubaba ezinganeni ezine kanti unabazukului ababili.

Uhlala elokishini eMbalu eMgungundlovu. Waqala ukusebenzela uMnyango wezeMpilo ngo-1976 enza lonke uhlolo lomsebenzi, wabe esebe ngumshayeli eminyakeni emihlanu eyalandela. Akuyena umuntu okhulumela phezulu, futhi uyathanda nokuzigqokela kahle.

Uyasazisa isikhathi. Uthi akakaze adale ingozi selokhu aqala ukushayela, ngaphandle kwezingozi ezincane lapho ayeshayiswa kancane abanye abashayeli.

"Isikhathi siyikho konke. Kumele uhlale isigcina isikhathi. Lokhu kusho ukuhlonipha abanye abantu. Uma ungasigcini isikhathi ugcina sewenza amaphutha. Umsebenzi wami ubungenza njalo ngihlale



UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo kanye neNhloko yoMnyango uDkt. kanye nalabo abekade bamulekeliswa izitifiketi sokusebenzela uMnyango wezeMpilo iminyaka engaphezulu kuka 40 uNksz Shanti Ramlakhan; Nksz Prasheeka Padayachee kanye noMnz Jubulani Gumede.

ngingekho ekhaya, ngihambisa abantu ezingqungqutheleni, kwesinye isikhathi lokhu kwenzenka ngisho nangezimpelasonto.

Akumele uhlale ugijima njalo, futhi awukwazi ukubashiya abantu, kumele ubalinde. Ngakho-ke kumele ubanike abanye abantu isikhathi sakho."

UMnuz Gumede, othanda uNkulunkulu, uqhube wathi: "UMdali wami ube muhle kimi. Akusibo ubuhlakanu bami obungenze ukuthi ngisebenze isikhathi eside kangaka.

UJehovah ubelokhu engilondile njalo." Udonse bonke abashayeli ngendlebe, wathi kumele baqinisekise njalo ukuthi imoto isesimweni somgwaqo esifanele.

"Kumele uyibhekisise imoto ngaphambi kokuthi uhambé, qinisekisa ukuthi ifanele ukuba semgwägeni. Uma kuhkona inkinga ilungise ngokushesha noma ungayisebenzisi kwasanhlobo. Uma wenze njalo konke kuyohamba kahle."

Isaluleko sini akangasinika abanye abafisa ukuhlala njengaye emsebenzini?

"Kumele ufunde ukukwenzisisa okwenzayo. Ukuholwa ngisemncane kwangisiza kakhulu empilweni yami. Abantu abanangi engaqala nabo ukusebenza bashiya. Kumele ngivume, kunezikhathi lapho ngase ngifisa ukushiya, kodwa angizange.

Empilweni ziyanha khona izikhathi ezinzima. Kodwa kumele uqhubeke usebenze ngokuzikhandla, uzhloniphe, uzhloniphe nomsebezi wakho kanye nabantu abaseduze kwakho."

UMnz Gumede uthi uma esethatha umhlapaphansi ngonyaka ozayo uzogxila

emsebenzini kaNkulunkulu.  
**U-SHANTI RAMKILOWAN:**

UNksz Shanti Ramkilowan uwuthanda kakhulu umsebenzi wobuhlenkazi, kanti uneziqo ze-Master's degree. Lezi ziqo uzithole eneminyaka engu 62 ngonyaka odlule. Uthi ubenza ucwaningo ngezimbangela zokushiya kwabahlengikazi abasafunda bengakagogogi.

Phakathi kwezinto azitholile ngesikhathi enza lolucwaningo ukuthi abantu abanangi bangena kulomkhaka wobuhlenkazi bengaqondile, bengazi ukuthi kubaluleke kangakanani ukuthi uzinikele nokuthi mungakanani umsebenzi obhekena nawo.

Ebuswa ukuthi kanti empeleni yini edingekayo ukuze ube umhlenkazi, uthi: "Uthando kumele lusuke ngaphakathi enhlizweni yakho. Umsebenzi wobuhlenkazi uwubizo.

"Uma usungumhlenkazi, kumele ugxile emsebenzini wakho, uzinikele bese uyathembeka.

Kumele uxhumane nabantu. Kumele futhi kuhalale emqondweni wakho ukuthi njengoba ungumhlenkazi ubhekene nezimpilo zabantu.

Lokho kumqoka kakhulu. Okunye okumele ungakukhohlwa imigomo yokusebenza, uma wenze njalo uyodlondlobala kakhulu nomsebenzi wakho."

Ukholelwa kakhulu ekutheni umsebenzi wobuhlenkazi kumele uhlonishwe emhlabeni wonke. "Abahlengikazi basindisa izimpilo zabantu. Uma ungumhlenkazi uyiso nendlebe ebhekelela isiguli.

Uma ungumhlenkazi ungowokuqala ukubona ushintsho esigulwini, kumele usazi isiguli sakho. Kumele uhlezi ukhona

eduze kwaso. Futhi uma usubona ukuthi ukwazile ukusiza isiguli sakho ayikho into ethokozisa njengaleyo."

Wajoyina uMnyango wezeMpilo esefundela ubuhlenkazi e-RK Khan eChatsworth ngo-1973. Wabe esenyuka njalo, njengoba esebe yiphini likaMphathi weKolishi iminyaka eyishumi nanye eyedlule.

Njengoba ezothatha umhlapaphansi ezinyangeni ezingu 18 ezizayo ufisa ukusebenzisa isikhathi sakhe nomzukulu wakhe, nokuqhubeka nezinye izinto eziomjabulisa.

"Ngiyazithanda izimbali. Ngiyathanda ukuthunga, ngithanda kakhulu ukwenza umsebenzi womphakathi."

**PRASHEEKA PADAYACHEE:** UNksz Prasheeka Padayachee uthi ayikho into edlula ukusebenza ngokuzikhandla, ungaphumuli umsebenzi ungakapheli.

Umsebenzi wakhe ukweseka ihovisi lenhloko yoMnyango wezeMpilo kanye nehhovisi likaNgqongqoshe wezeMpilo, ebheka izinto ezalhukene kanye nezinhlelo zamatu oMnyango.

Lokhu kufaka phakathi kokunye ubudlelwane nezinhlaka ezisebenzisana noMnyango, imisebenzi ekhethenkile yoMnyango kanye nokunye.

"Ngiyathanda kakhulu ukuthi uma ngenza umsebenzi ngiwenzisise, ngikuqonda kahle ukabaluleka kokuhlinzeka umphakathi ngezidindo," echaza.

Uthi ukungaguluki emgomeni yakhe kumsize kakhulu ngesikhathi esasebenza, njengoba ebengumuntu owuhloniphayo umsebenzi, ethembekile, ezimisele kakhulu emsebenzini wakhe. Uneminyaka engu 59 ubudala,

unezingane ezintathu, unomzukulu oyedwa. Wazalelwae Mgungundlovu kanti impilo yakhe uyichithe khona. Waqala njenge administration clerk esibhedela i-Northdale ngo-1975.

Wasebenza iminyaka engu 17 kulesisibhedela wabe esenyuselwa kwese Administrative Assistant, wabe eseyanyuswa futhi kwesokuba ngu Principal Personnel Officer ngesikhathi se-General Provincial Services eyabiese-Natalia buildings ngaleso sikhathi. Usebenze ezikhundleni ezahlukene eminyangweni kaHulumeni.

Ekuqaleni kuka 2013 ube esenyuselwa kwesokuba I Chief Director: e-Executive Support Services ehhovisini leNhloko yoMyango wezeMpilo nokuyilapho asebenza khona manje.

Ngesikhathi edlulisa amazwi ache obuhlakanu, uthi: "Akukho okuza kalula empilweni, konke kumele ukusebenzele, kumele ubekezele uma uzazi ukuthi ufunani.

Ngiphila impilo engayifundisa abazali bami. Ifa engilinika izingane zami ukuthi zifunde ukuze zizokwazi ukuphila impilo engcono.

"Abantu abasha kumele bazi ukuthi iziqu akuzona ezokufikisa lapho ofuna ukuya khona, zinike isikhathi sokuthola lokho okufunayo uwuqonde kahle umsebenzi owufundele ukuze udlulele esitebhini esilandayo. Zethembe, kulambele ukuhlala njalo ufunani.

Ungayisabiinselelo entsha ngoba izokwenza uhlale njalo uqinile. Hlala njalo ubeke eceleni intukuthelo ezikhathini ezinzima bese ubhekana nesimo. Thembeke njalo, ungalilahli ithemba."

**"Njengesizwe siziqaja kakhulu ukuba neSilo samaBandla esilokhu sikhombisa ukukhathalela abantu baso ukuthi bahlale bephilile njengoba sikhuthalele izinto ezithinta ezempilo."**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# UMTHOLAMPILO OMUSHA UTHUTHUKISA ABASEMAKHAYA KWANONGOMA OSUTHU, FUTHI UZONCIPHISA ISIBALO SABAKHULELWA BESEBANCANE

Silo samaBandla uKing Goodwill Zwelithini usebonge uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo ngokwakhiwa komtholampilo oSuthu KwaNongoma, eNyakatho nesfundazwe.

Lesi sakhwi, esidle R25 million, sakhwa ngonyaka ka 1968, kodwa ngenxa yokungabi nezinsiza ezithile, kwadingeka ukuthi siphinde sakhwi kabusha njengoba besivulwa ngokusemthethweni sesingesikanokusho.

Ngesikhathi kuvalwa lesi sakhwi oNgangezwelakhe uxwayise amantombazane asemancene ngobungozi bokuzibandakanya nezocansi, wathi mabazithibe, esikhundleni salokho ahambe uMkholi woMhlanga.

UNgangezwelakhe uthi unethemba lokuthi lo mtholampilo uzolethela umphakathi izinsiza eziconciphisa izinga lokukhulelwa kwamantombazane asemancane kanye nokuchithwa kwezisu okungekho emthethweni okubonakala kubhebhethuka emiphakathini. Ekhulumu kulo mcimbi, uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo ubonge kakhulu ISilo samaBandla ngothando



ISilo samaBandla uKing Goodwill Zwelithini benoNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali ngesikhathi kuvalwa umtholampilo wasoSuthu KwaNongoma.

esilukhombisayo ezintweni ezithinta exemplilo.

"Njengesizwe siziggaja kakhulu ukuba neSilo samaBandla esilokhu sikhombisa ukukhathalela abantu baso ukuthi bahlale bephilile njengoba sikhuthalele izinto

ezithinta exemplilo. "Njengoba sihlangene lapha sizovulela izakhamuza ezingaphezulu kwezinkulungwane eziyishumi nambili lo mtholampilo. Sinxusa umphakathi ukuba uwusebenzise lo mtholampilo, ungabi

wumhlobiso. "Kubalulekile ukuthi amalungu omphakathi aqinisekise ukuthi ahlolelwa izifo okungenani kanye ngonyaka. Lokhu kuyasiza ngoba uma izifo zisheshe zatholakala kuba lula ukuzelapha, noma ukuthola izindlela zokuba zilawuleke. Kodwa uma abantu belinda, baze beze esibhedelela ngoba sebegula kuba luhuni ukulwa nazo. "Siyayinxusa nentsha ukuba izithibe ocansini. Kulabo abehlulekayo ukuzithiba, sithi mabeze emtholampilo ukuze bathole izinsiza ezizogwema ukukhulelwa okungahlelele."

Kodwa abangcini lapho; kufanele basebenzise ukuziVikela okuMbxambili (Dual Protection). Sithi abesilisa mabasoke, abesimame bahlele iminden, bese kusetshenziswa ijazi lomkhwenyana njalo uma kuyiwa ocansini. Sibonga kakhulu kuNgangezwelakhe ngokuthi aqinisekise ukuthi aekho umuntu ozoshona kungafanele ngoba singekho isikhungo sezempilo esizomusiza."

Uthe lomtholampilo unalokhu okulandelayo:

- Ukuhlelela umndeni;
- Ukuukuza uma umuntu ekhulelwe ngaphambi kokubaletha nokuhlohlwa ngemuva kokubeletha;

- Ukugonywa kwezingane kanye nokubhekwa kwesisindo somtwa;
- Ukuba yisikhungo esivulelekile entsheni uma izodinga usizo; Lo mtholampilo ukwazi nokuhlolela lezi zifa ezilandelayo: iUkuhlolela isifo somdlava;
- I-HIV kanye nokulashwa kwezifozocansi;
- Izifo zamahlalakhona maqede ulashwe uma unaso;
- Isifo sama-rabi udluliswe uma kunesidingo;
- Isifo sengqondo; kanye
- Nokwesokwa kwabesilisa. Umtholampilo wasoSuthu uzovulwa amahora angamashumi amabili nane njalo ngosuku, kanti uzophinde uvakashelwe oDokotela basesibhedlela i-Benedictine kabilengenya.

Lo mtholampilo uzophinde uphakele imitholampilo emithathu engomahamba nendlwana ezobekwa lapho kulikhuni ukufinyelela khona.

Lemitholampilo engomahamba nendlwana ingaphansi kwe Health System Trust, okuyiNhlangano ezimele ezovakasha kanye ngenyanga ukuzosiza ngemishanguzo yokuthithibalisa igciwane le-HIV kanye nemishanguzo evimbela ukungena kwesifo sengculazi emntwaneni.

## Abase-Mzumbe ethubeni lokuphepha kwisanquma sezulu

### VERNON MCHUNU

Uma kungukuthi imiphakathi yaseMzumbe ingabantu abalalelalo, angeke ube khona umonakalo omkhulu uma kungase kugasele izehlakalo zesimo sezulu esibi njengoba se lethwese nje.

Phela kulelonto abantu balendawo babesenhlanhleni yokuthi uHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natal ugale ngabo ukwethula umkhankaso waminyaka yonke wokuwashisa ngezinhlakelele ezsuke zilindelelele njalo nxashane kushintsha inkathi yonyaka.

Ngokunxuswa nguNgqongqoshe womnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uzakwabo ungqongqoshe uWeziwe Thusi, ugasele eMzumbe, washiya umphakathi ubonakala ubheme wakholwa ngezimfundiso ezivela emnyangweni mayelana nezindlela zokuphepha lapho kunezulu elibi.

Umphathiswa wezokuthuthukisa komphakathi, obemele uDube-Ncube yena osahambele ingqungquethela ekwelaseMelika, nayo futhi edingida ngazo izinselelo zezimo zezulu, ukhumbuze umphakathi ngamacebo okuphepha, esho khona ukuthi njengoba ihlobo lethwese nje, kanti nezanusi zezulu sezikaze ukuthi sesingahle shishabalale isomiso - izulu ke kulindelele ukuba lilethe izimvula ezinkulu nezingahambisana nokuduma okunemibani emibi.

"Ihlobo ngokwejwayelekile livama ukuhambisana nezimvula

kanye nokuduma. Sibonile-ke kuleminyaka edlule ukuthi ukuduma kwezulu kuge nokweswelakala kwemiphefumulo eminingi kanye nokulimala kwezindlu kulandela imibani enobungozi," uchaze kanjena ungqongqoshe.

"UHulumeni wethu sihlale sisho ukuthi unguHulumeni onakekelayo.

Ngaphandle kokuletha izinhlelo zentuthuko, kodwa kufanele futhi wenze izaba noma wakhe nezinhlaka zokugwema ukulimala kwempahla yabantu, ikakhulukazi abampofu, ebese futhi anqande nokudlula kwemiphefumulo.

Sikhuluma nje nyakenye, sibe nezigameko ezinyantisa igazi lapho khona befinyele ngaphezu kuka 20 abantu abadlule emhlabeni ngenxa yomphezulu."

Izindlela zokuphepha zethulwa kanjena ngamafuphi phakathi kwezinye:

- Akufanele siwele imifula noma sithathe uhampo olungenaso isidingo uma izulu lilibi.
- Abashayelayo nabo kufanele baqapele emgwaqeni bangashayeli ngesivinini njengoba umgwaqo usuke ushelelela.
- Asipeze ukuhamba phandle nasezindaweni eziyizinkalo uma izulu liduma.
- Abantu bakithi futhi mabapheze ukwakha ezindaweni ezingamathafa lapho amanzi engahambi khona
- Asigweme futhi ukwakha osebeni lomfula lapho umfula uma ugcwele khona ugcine usukhukhula nemizi.
- Asiqinisekise ukuthi uma izulu

liduma, amafasitela siyawavula kushaye umoya endlini, futhi sigweme ukujuluka nokuhlala ngokusondelana.

• Amanzi nezingcingo ikakhulukazi ezingomakhalekhukhwini bakwethu sikwexwaye kakhulu.

Lucime nje ucingo uma liqala liduma ngoba lunokuthi ludonse umbani uzihambelo lena kude.

• Abantwana bethu, ikakhulukazi abafana abajwayele ukudlala ibhola asibakuze bakuyeke lokhu uma kuduma izulu.

• Ngokunjalo futhi kuyingozi enku

ukuqhube izinkomo uma izulu liduma.

• Asiqahele ukuwela amabulohlo ambozwe amanzu, hleze singathi siyawela uthole ukuthi ibhulohlo sekudala lemukile.

**"Ngaphandle kokuletha izinhlelo zentuthuko, kodwa kufanele futhi wenze izaba noma wakhe nezinhlaka zokugwema ukulimala kwempahla yabantu....."**



UNggongqoshe uNkk Weziwe Thusi, Mayor wase Ugu District Cllr TP Mnyayiza kanye ne nkosi uMnz BS Cele bemi nelunga lomphakathi eliziwinele isigubhu samanzi esiyihala, ngesikhathi kuqwashisa umphakathi ngesomiso kanye nezinhlelele.



# INGQUNGQUTHELA IBEKA IKWAZULU-NATAL ETHUBENI ELIYINQAYIZIVELE

VERNON MCHUNU

siFundazwe saKwaZulu-Natal sibekike kwithamsanqa eliyinqayizivele, nokuzothi uma iziphathimandla nabasemagunyeni belisebenzise ngendlela lelithuba, bese kuba nomthelela omuhle ekuvikeleni ezemvelo kubuye kuholele nasekwakhekeni kwekusasa eliqhakazile kuzona zonke izakhamizi. Ukubanjelwa kwengqungquthela yama- 52 ehlanganisa ongoti abavela emazweni omhlaba wonke jikelele emikhakheni yezokuhlewa nokwakhiwa komasipala, nokubandaka imigwaqo nezimboni nokuhlaliswa kwabantu – kunikeza iziphathimandla zakuleli kanye nochwepheshe ithuba elingandele-bani lokuba bakleze embeleni wamazwe asesthuthukile ngezindlela ezingaholela ekutheni amadolobha nomasipala KwaZulu-Natali kanye nakulona lonke leli leNgabadi, kuHleleke ngendlela eyokwenza ezomnotho zidlondlobale qede kuvikeleke nezemvelo. Phela ukuvikeleka kwezemvelo kunomthelela omkhulu ekuthenini singabi nezimo zokuntuleka kwamanzi njengoba sekuvame ukwenzeka kulezizinsku, kulandela izindlela ezingenalo ujulo-mqondo ezasetshenziswa nguhulumeni wobandulululo ukuhlela izindlela zokuthuthukisa lelizwe.

Ingqungquthela lena, ebizwa ngamafuphi ngokuthi yi-ISOCARP nesiqbulo sayo besithi "amadolobha esinawo kubhekene namadolobha esiwadingayo", ivulwe ngelikhulu isasasa ekusombulukeni kwesonto eledlule ngumhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ophathiswe ezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, nokuyiwona mnyango obhekelele ukusebenza ngendlela komasipala kanye nokuthuthukisa kwemiphakathi.

"Egameni likaHulumeni silindele ukuba lengqungquthela inikeze ithuba lokuba thina njengeKwaZulu-Natali kanye neNingizimu Afrika yonkana sikleze kogwansile kakhulu njengoba leli kuzoba yithuba lokuthekelisana ngolwazi mayelana nokuthi izakhiwo zemiphakathi kanye nomasipala kungahleka kanjani ngendlela eyoba nomthelela omuhle ekutheni imvelo isizalele impilo engcono," kuchaza uDube-Ncube, nobeshiyelana inkundla oSolwazi abehlukahlukene bamazwe ngamazwe.

"Sisethubeni ke manje njengobuholi kanye nochwepheshe kulemikhakha yezokuhlela, ukuba silungise amaphutha adaleke ngesikhathi kusabusa kuleli uhulumeni owawuhlela izinto ngokubhekelela iqequebane emphakathini,



UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

nokwakungabamhlophe – nokuyinto lena egcine isisishiya netshide kanye nesidenge sevondwe, njengoba ubona nje sekunezinkinga lapho khona sesihlanganisa bonke abantu kwezokuhlaliswa, bese uthola ukuthi sekuba nezingqinamba lapha nalaphayana," kuqhuma ungqongqoshe, kwingqungquthela ebibanjele eThekwini isonto lonke. "Kumanje sinezinselelo ezidaleka ngokuthi bayanda abantu abahlala emadolobheni, kanti-ke nezindawo zasemakhaya nazo seziyathuthukisa yithina kuhulumeni ukuze abantu basebenzise amanzi kampompi kanye nogesi futhi izindawo

zasemakhaya zibe namadolobha athuthukile ukuze anikeze amathuba okuthuthukisa kwenhhalo kanye nezomnotho. Usuthola ukuthi ingqalasizinda lena yakudala ayisakwazi ukumelana nalokhukuguquka kwendlela yokuphila kwabantu. Yilokhu-ke esidingida ngakho kulengqungquthela ngoba uthola ukuthi amazwe afana noChina njalo-njalo wona aseke abhekana nalezizimo, manje azokwazi ukusithekela ngolwazi," kusho uDube-Ncube. Igama elithe laqhakamba ezinkulumweni eziningi ezethuliwe ngabanye ochwepheshe, kube wukuthi lengqungquthela ithembisa

ukungabi wukukhuluma nje okungenamphumela, kodwa kuzobonakala umthelela eminyakeni embalwa kusuka manje.

Phakathi kwezihlqwana eziningi ezidingidiwe, kubalwa:

- UkuHlelela amadolobha ahlonipha imvelo;
- Amadolobha akhanya bha;
- Ukuthuthukisa kwemigudu yokuhambisa amanzu nxa kunezikhkhula;
- Ukubhekana nokwenyuka kwezinga lokushisa;
- Ukuqhakambisa ukwakhiwa kwamathuba okondla abantu ngesikhathi kuhlewa amadolobha;

## IKwaZulu-Natal yethekelise amazwe kwezentuthuko enekusasa

VERNON MCHUNU

Kulindeleke ukuthi kuqubuke izinhlobo-nhlobo zezimboni ezindaweni ezisemakhaya, nasethe uhulumeni wesfundazwe yizimboni lezi ezizoqasha ikakhulukazi abantu basemakhaya nokubandakanya intsha.

Lokhu kuzophinda futhi kuhalime inselelo yeminyaka lapho khona abantu basemakhaya bezithole befudulekela emabolobheni ngoba beyontula imisebenzi ukuthi kutholakale okokumaya bathuthukise neminden yabo ngezindlela ezahlukahlukene.

Ethula inkulomo yokuvula ingqungquthela ebiqhubeke eThekwini ngeledlule, neyaziwa nge 52ND ISOCARP congress, ungqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uhabulise izihambeli ezbalelw ku 400 ebezethambele ingqungquthela lapho khona bekuhlangene ongoti kwezokuhlewa kokwakhiwa kwamadolobha nomasipala, ngokuthi iKwaZulu-Natali isivele

isinothelo lokuthuthukisa izindawo zasemakhaya ukuze nazo zibe nalona lonke uhlobo Iwezidingo ezingatholakala emadolobheni.

"Kumanje sinohlelo lokuvuselela amadolobha asemakhaya, nokwakuyizindawana nje ezazakhiwe nguhulumeni wobandulululo ukuze kuba khona lokho okumbalwa okudingwa ngumlungu. Thina manje lamadolobha siyawakha kabusha, siwafaka imigwaqo emisha nemikhulu, izindawo zokuhwebela abadayisi abasafufusa, sifaka izibani zomgwaqo, siwenza abukele futhi abe namanzi nogesi okwanele ukuze ahehe osozimboni abakhulu," kuchaza uDube-Ncube.

"Lezizinhlelo ziyahambisana nokwakha kwethu izikhungo zezinsiza zomphakathi (community service centres), nokuyizikhungo ozothola kuzona amahhovisi eminyango kahulumeni ehlukahlukene kanye namahhovisi okusebenzela ubuholi bomdabu, amabhange kanye nokunye.

Asisezukubabikho isidingo sokuba abantu bafulathele izindawo abazalelw bakhulela



kuzona ngoba nakhu beyontula amatoho emadolobheni amakhulu," kuqhuma uDube-Ncube, nobuye wachaza nokuthi intsha yiyona uhulumeni ayibhekelele kakhulu.

"Kunabantu abasha abanangi abafunda emakolishi amakhono, kanye nasemanyuvesi, othola ukuthi abawatholi amathuba emisebenzi. Ukuqubuka kwezimboni

emakhaya, kuzoba wusizo kakhulu kubona."Izihambeli kulumcimbi ziwathakasele kakhulu amazwi kaDube-Ncube, zisho khona ukuthi iNingizimu Afrika nakuba isasuka esimweni sobandulululo kephia isihambe igxathu elikhulu ukwakha ukulingana ngendlela imiphakathi ehleli ngakhona.

Omunye wezingqapheli kuba ngumongameli wengqungquthela uqobo Iwakhe, uMnuz u-Rich

Stevens, nothe: "Uma siza emazweni aseAfrika sisuke sinentshisekelo yokuzowathekilisa ngolwazi ngamava asenziwe ngamazwe asathuthuka kuqala. Kepha okwenzeka eNingizimu Afrika nalapha esifundazweni KwaZulu-Natali kusenza nathi sibone ukuthi kuningi okungafundwa ngamanye amazwe kunina KZN neNingizimu Afrika.

**"Kunabantu abasha abanangi abafunda emakolishi amakhono, kanye nasemanyuvesi, othola ukuthi abawatholi amathuba emisebenzi."**

**"Sisethubeni ke manje njengobuholi kanye nochwepheshe kulemikhakha yezokuhlela, ukuba silungise amaphutha adaleke ngesikhathi kusabusa kuleli uHulumeni owawuhlela izinto ngokubhekelela iqequebane emphakathini"**

# IMIKLOMELO YEGOVAN MBEKI

## SANELISIWE ZULU

zinhelelo nemigomo ehlukahlukene ekuhlinzekeleni ngezindlu zesibonelelo sezibe nemithelele emihle emindenini evile ku 42 000 ehlomile kuzo nonyaka.

Lokhu kushiwo nguNgqongqoshe wezokuHlalisa kwaBantu neMisebenzi yoMphakathi uMhlonishwa uRavigasen Pillay ngenkathi ethula inkulumo emcimbini ka 2016 yama Govan Mbeki Awards ngobusuku bangoLwesine oludlule.

Lomcimbi obuhanjelwa ngoSomlomo noNodolobha noSodolobha abaphuma koMasipala abahlukahlukene, ububanjelwe eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre eThekwini. Bekukhona nezitanyiswa eziphuma emNyngweni kaZwelone wezokuHlalisa kwaBantu kanye noNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zebuKhosi esifundazweni uMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube. Ehubeka nenkulomo yakhe uNgqongqoshe uPillay uthu ukwakhela izindlu ezesemgangathweni imiphakathi ehlukahlukene yaKwaZulu-Natal ezindaweni ezesemakhaya

nasemadolbheni kuyisibophezelo esingeke sigqizwe qakala njengoba sikuSomqulu weNkululeko wango 1955. "Indlu ngayinye esiyakhayo kuwukukhombisa ngokungananazi lokho esazibophezelu kukho ukuthi siyokwenza ukuqhubekezelu phambili ushintsho Iwentando yeningi kuzwelone sibe futhi sihlonipha imizabalazo yezingqalabutho ezifana neqabane uGovan Mbeki lemiklomelo eqanjwe ngaye," kuphawula uNgqongoshe uPillay.

Kuleminyaka emibili edlule ka 2014 noka 2015, uMnyango wezokuHlalisa kwaBantu esiFundazweni saKwaZulu-Natal ngezindlu ohambe phambili iminyaka emibili ilandelana ngokuwaqwa emakhanda izifundazwe lezi ezinye eziyishiyagalombili ekuhlinzekeleni ngezindlu zesibonelelo ezweni lonke ngenkathi sekungumncintswano kazwelone yemiklomelo yeGovan Mbeki. Kungenxa yalokhu kuzikhanda komNyango wezokuHlalisa kwaBantu ekwakheleni izindlu imiphakathi yaKwaZulu-Natal okwaholela ekutheni uNgqongqoshe kazwelone kuinga lokuncintswano



Inkampani eyakha izindlu eyengamelwe ngowesifazane iMotheo Construction Group yiyo edle umhlanganiso kuminxa kaSonkotileka yoweSifazane oWakha iZindlu zesiBonelelo. Kusukela kwesokunxle kuya kwasokudla: USihlalo weKomidi lezokuHlalisa kwaBantu uMhlonishwa Important Mkhize, uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zebuKhosi uMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, nge Anathi Xuma obemele iMotheo Construction Group, iNhloko yomNyango wezokuHlalisa uGreta Apelgren-Narkedien, uNgqongqoshe wezokuHlalisa kwaBantu neMisebenzi yoMphakathi uMhlonishwa uRavigasen Pillay

wezokuHlalisa kwaBantu uMhlonishwa uLindiwe Sisulu wabona kufanele ukuthi angezelele ngemali engango R200 million ngo 2014 kanye nango R308 million ku 2015 kwisabelo-mali saKwaZulu-Natal ukuze kuqedelwe eminye imiklamo yezindlu esifundazweni enoma igalelo lesifundazwe ekwakheleni abantu izindlu. Nakulonyaka izinga lokuncintswano

kwiminxa ehlukahlukeni beliphezulu. Abebengenele nonyaka bebencintisana kwiminxa eyishumi nanye bese kuthi umunxa weshumi nambili bekungokaNgqongqoshe lapho bekukhethwa kuwo abafundi abaxhaswe ngemifundaze ezifundweni eziqondene nokwakha izindlu abafunda ezikhungweni zemfundo ephakeme.

Okufike kwaggama kuma Govan Mbeki Awards ka 2016 ukuphumelela kukaMasipala waseThekwini kumunxa wezindawo zamahostela ezakhiwe zaba phambili ngenkathi kuphumelela phambili ihostela lase Glebelands yize kwaziwa izinkinga zodlame nezigigaba zokubulawa kwabantu okubhidlangile khona.

## UMnyango unxusa intsha ukuthi ithande ukufunda nokubhala

### LUNGILE CHILI

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natal ubambisene neSouth African Book Development Council ubungaze usuku olubizwa lokugqquqzela isikoko lokuthanda ukufunda izincwadi iNational book week, eMbawana library KwaMhlabuvalingana enyakatho yesifundazwe. Iolusuku lubungazwa iwona wonke amazwe ngenhoso yokugqquqzela abantu ikakhulukazi abasebasha ukuthi bathande ukufunda izincwadi nokuvakashela izikhungo zemtapo yowlazi. Inhloko yomnyango Wezobuciko Namasiko uNkk Sibongile Nzimande obemele

uNgqongqoshe womnyango uNkk Bongiwe Sithole-Moloi ugquqguzele intsha ukuthi ithande ukufunda izincwadi ukuze izinothise ngolwazi. "Uma ufunda izincwadi ingqondo iyathuthuka ivuleke uze ufunde namagama amasha nokusebenzisa ulimi ngendlela efanele." Kusho uNkk Nzimande. Uphinde wakhuthaza nabazali ukuthi bafundele izingane ezincane izindatshana ezimfishane kuze kube nabo bayakwazi ukuzifundela. Inxusa lalomkhankaso wokugqquqzela ukufunda izincwadi elingumculi nodidiyeli womculo uMnu Zakhele Madida odume ngelika Zakes

Bantwini unxuse umnyango Wezobuciko Namasiko ukuthi wandise izincwadi ezibhalwe ngolimi lwasintu kwimitapo yowlazi. Ubuye wakhuthaza izingane ukuthi ziziqhenye ngolimi lwebele zingajabulel ukwazi izilim uze zezinye izinhlanga zize zigcine sezilubukela phansi ulimi lwasintu lomdabu.

"Isilungu akulona ulimi olubaluleke kakhulu kunazo-zonke izilimi, ziqheneni ngolimi lweni nithande nokufunda ngoba iyona ndlela ezonithuthukisa ngolwazi niguqule nendlela yokucabanga." Kusho uZakhele, uMadida uphinde wanxusa kakhulu nakulaba ababhala izincwadi ukuthi bake

babbale ngomlando wase Ningizimu Afrika ukuze izingane zazi imilando ezithinta ngqo ziyeke ukufunda ngemilando yaphesheya noma yezinye izizwe. IMeya yakwaMhlabuvalingana uMnu Sydney Mthethwa ulushayele ihlombe loluhlelo, wabonga noMnyango ngesakhiwo somtapa wolwazi sikanokusho esikhona kulendawo. Uphinde wanxusa kakhulu umphakathi ukuthi noma ngabe udingani eyisidingo somphakathi kodwa usize ungadlaleli kulesisikhungo ngoba bobo ubulala ikusasa lawo nezingane. Kubuye kwaba khona nomcintswano wesibizelo

samagama, kulumcintswano bekungenele izikole eziwu 13 ezingaphansi komasipala waseJozini, Mtuba, Msane noMhlabuvalingana. Ingane ephume phambili kubo uOlwethu Mkhize ofunda eJozini primary, ophume isibili uAndiswa Gumbi ofunda eJozini primary, ophume isithathu uNolwazi Ndlovu ofunda e-Ingaqa primary. Umnyango Wezobuciko Namasiko unikele nangezinsimbi ezingokhelegume bokukhapha umculo esikoleni iSodwana Bay primary School.

## Umbukiso wezithombe oqhakambisa iKwaZulu-Natal uyaqhubeke

### THEMBEKA DLAMINI

Umnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natal uchome izithombe ezingaphezu kwamashumi amathathu eziwumbukiso oqhakambisa ubuhle besiFundazwe ngeso lomthwebuli eNkosi Albert Luthuli ICC eThekwini.

UNgqongqoshe walomnyango uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthu abantu abanangi ababazi ubuhle besiFundazwe yingakho umNyango uqoke ukuthi usiqoqe sonke usibeku phansi kophahla

olulodwa e ICC. "Kubalulekile ukuthi sazi ubuciko namaqhawe ethu asimele embonini yezobuciko ukuze sifunde nokuhlisana siyizinhlanga ezelukene kulesifundazwe" Kusho uNgqongqoshe uSithole-Moloi. Uthi abantu mababaye e-ICC ingakapheli inyanga ezothwasa uMfumfu bayozitika ngobuhle besiFundazwe sethu. "Okungichaza kakhulu ukuthi sithe akungenwe mahhala kulombukiso ukuze abantu

bafundu ngaphandle kokukhokha ngisho isenti, baphakele iso baphume begonda ngesiFundazwe sethu", kusho uNkk Sithole-Moloi. Lezizithombe zabantu nezindawo ezahlukahlukene zesiFundazwe zikhombisa amasiko mpilo ehlukene nezihlabani kwezobuciko. Phakathi kwezizwe okukhangiswa ngazo nempilo yazo kubala amaGriqua, Batlokwa, Thonga kanye namaBharatanatyam. Lezizizwe zitholakala ngaphansi

komasipala okubalwa kubo iZululand, Umzinyathi, Umkhanyakude, Umgungundlovu, Ugu Kanye ne-Harry Gwala. Umsebenzi wamaciko akwaNala abumba izinkamba ezisezingeni lomhlaba nawo uyakhangiswa kanye nezithombe zezinkakha kwezobuciko nezemidalo oThembu Mtshali, Elijah 'Tap-Tap' Makhathini, Joseph Shabalala, Liane Loots and Zibokwakhe 'Phuzekhemisi' Mnyandu. Kwizithombe zoMasipala

kunezingama shumi amahlanu ezingosayizi abalinganiselwa ku-A1 kanye no-A2.

Lombukiso usungena e ICC nje usuka eDurban Art Gallery lapho uhlale khona izinyanga ezimbili phakathi kukaNdasa noNhlanguana.

Lombukiso uhlose ukufundisa emphakathini ngezinhlobonhlobu zamasiko lapha esiFundazweni saKwaZulu-Natali.

**"Indlu ngayinye esiyakhayo kuwukukhombisa ngokungananazi lokho esazibophezelu kukho ukuthi siyokwenza ukuqhubekezelu phambili ushintsho Iwentando yeningi kuzwelone sibe futhi sihlonipha imizabalazo yezingqalabutho ezifana neqabane uGovan Mbeki lemiklomelo eqanjwe ngaye."**

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay



# UNGQONGQOSHE USTHOLE-MOLOI NYONI KAYIPHUMULI

STHEMBISO SHANGASE

**S**elokhu engenile ehhovisi ngo June walonyaka uNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko uNkk Bongiwe Sithole-Moloi usehlangane nezikulu kanye nabasebenzi bomnyango wakhe emazingeni ehlukene. Phakathi kwemihlangano emibili ayibambile kube yilovo awubambele e Skinner Camp ngaphandle kwase Pietermaritzburg ngo June kwazoba awubambe ngasekuvaleni kuka September ubize bonke abasebenzi besifazane ezobaluleka ngokuthi bafunde ukusebenza ngokuzimisa bangazitheli ngabandayo. "Kubalulekile ukuthi uma ungumsebenzi kahulumeni ungabi yidlomba ngisho indlela ogqoka ngayo ibe nesinono ukuze abantu abazofuna usizo kuwena babe nethembala besakubona nje", kuchaza ungqongqoshe sakuncokola. Uthi uma ubukeka ungaqoqekile ungazinakile, nabantu obasizayo bagcina belahlekelwa yithembala kwehle nesithunzi somnyango wonke ngenxa yokungazithandi komuntu osebenzela umnyango.

UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi uusebuya nasesikoleni iVuna kwaNongoma enyakatho yesifundazwe maqede wathatha

isihlonti selangabi lethemba sokuguba iminyaka eyishumi nesithupha yombuso wohulumeni bezindawo wagijima naso kulolonke uThungulu okumanje selubizwa nge King Cetshwayo.

Lesisihlonti uthubeleze naso eMthonjaneni, iNkandla, Ntambanana, Mfolozi, Mhlathuze saze sazoyivala eMlalazi ngesikhathi ungqongqoshe uMaSithole Moloi esesimukelezela kumasipala weLembe enyakatho yeTheku ngo July. Ungqongqoshe uthi lesishlonti sibuyisa ithemba kulabo abathi abakayiboni imisebenzi kahulumeni wezindawo kanti kulabo asebeyibonile lesishlonti shiso ithemba lokuthi okuningi kuseza ngakho bangalilahli ithemba. Ngesikhathi isihlonti sesidluliselwa kumasipala weLembe kuphinde kwahlionisha ngezindondo nezitifiketi amakhansela asedonse iminyaka engaphezu kweshumi amanye awo abesethatha umhlalaphansi esethi khumu. Njengenxusa nesishabasheki esibhekeli iKing Cetshwayo ungqongqoshe uMaSithole-Moloi uphinde waqhuba izinhlelo zokunikela nezinsiza kusebenza zezobuciko nezemidalo ezibala izinsimbi zomculo, ubuhluu, izintambo zokweluka amacansi, ezemidalo kanye nemishini yokuthunga



UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

KwaMandlakazi KwaNongoma nase Hlathi Dam eNquthu.

Ungqongqoshe unxuse abantu ukuthi bakhwice imikhono basebenze ukuze kuxoshwe ikati eziko bathungele nezikole imifaniswano. UNgqongqoshe udlulele eMhlumayo eLadysmith ngenyanga yabantu besilisa wanxusa ukuthi amadoda avikele abesifazane abaseduze kwabo. "Indoda efe njengehawe yindoda efa ivikela umndeni wayo noma iveskala isizwe hhayi umgulukudu ufela emanyaleni ubamba inkunzi uhlukumeza umphakathi abesifazane nezingane", Kusho uSithole-Moloi. UNgqongqoshe uncome ingoma namagidangoma

aseMhlumayo ngokuthi ingoma iyasiza ukuhlanganisa abantu kuphele ukuklwebhana. Lentokazi yakwaJobe izihloniphele mathupha umsunguli weqembu iesicathamiya eselihlabane ngezindondo zama grammy ezine, uSolwazi Joseph Shabalala. UMshengu ubonge wanconcoza wagcina eseshaya ingoma yakhe eyashisa izikhotha ethi "Homeless" kodwa wayesegcizelela ukuthi namuhla abasalali emaweni.

NaseQalakabusha eMpangeni ogwini olusenyakatho ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe, uNgqongqoshe wethule uhlelo lokubhalwa kwendwangu wanika iziboshwa esezigogodile kulezifundo kanye nezinye zobuciko izitifiketi. Ukhombise ukuzigqaja ngeqhaza lomnyango wakhe ekuxhaseni izinhlelo ezhlanganisa umphakathi nezinika amakiko asacathula ithuba lokuziveza ezweni njengo Ugu Jazz Festival. Ungqongqoshe uzifikele mathupha eNkungumathe eNkandla wethula umtapo wolwazi odle izigidi ezingaphezu kwestikhombisa. Ucele abantu bendawo ukuthi basiphathe ngesinono basivikele ngoba singesabo. Ube esethembisa nokuthi emva kwestikhathi uzoletsha ama compyutha amasha uma lawa akhona manje esephelelw

yisikhathi wathembisa nokusithuthukisa ngokuvumelana nesicelo esenziwe abantu bakulendawo. USithole-Moloi udlelele e Portshepstone Iapho efike wahlaba isoyi lokwakha ubhazabaza womtapo wolwazi ozosiza abantu basogwini oluseningizimu yesifundazwe.

Emva kokhetho lohulumeni bezindawo ungqongqoshe uyihambe yonke iKing Cetshwayo ehamba ebeka ngokuse-mthethweni omasipala.

Phakathi kwalabomasipala kubala owaseMthonjaneni, iNkandla, iMfolozi, uMhlathuze nayo iKing Cetshwayo uqobo. UNgqongqoshe ubeqala ukuya emkhosini weSivane kwaKhangelia Amankengane kwaNongoma wafika wangena khaxa. Emva kwalokho uhambele yomibili imikhosi yomhlanga okubala owaseMachobeni eNgwavuma nowise Nyokeni kwaNongoma

UNgqongqoshe ufike waqquguzela ukuthi izintombi ziqhubeku nokuziphatha kahle wabuye wacela ukuthi nabafana bafundiswe ngokuziphatha kahle.

"Sizoqhubeka nokweseka lemikhosi siwumnyango ngoba iyaselekelela ekukhuliseni izintombi" kusho ungqongqoshe uSithole Moloi obephetho uhlelo emkhosini yomhlanga.

## Bezibulala inyoka izintombi eNyokeni naseMachobeni

Izinkulungwane ezingaphezu kwamashumi amathathu ezintombi nito zibuthane esigodlweni eNyokeni kwaNongoma enyakatho neKwaZulu-Natali zayobeka umhlanga phambi kweSilo samabandla uZwelithilini kaBhekuzulu. Abaxhasi abakhulu nabahleli balomkhosi umnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uholwa uNgqongqoshe uBongiwe Sithole-Moloi uthi uyaziqhenya ngokuthi zingaphezu kwezinkulungwane ezingamashumi amane izintombi ezibambe iqhaza emkhosini yomhlanga yakulonyaka.

Ungqongqoshe uMaSithole Moloi uthi emkhosini womhlanga esigodlweni saseMachobeni eNgwavuma ngaphansi koMkhanyakude ekuvaleni kuka Mandulo, kutheleke izintombi ezingaphezu kwezinkulungwane eziyisithupha, kwafika ezingaphezu kwezinkulungwane ezingamashumi amathathu nanhanlu eNyokeni kwaNongoma. "Kuyasijabulisa siwumnyango ukubona izintombi eziningi ngakangaka kulonyaka zisuka kulolonke izwe zizoziveza ukuthi zikhona futhi zisasibambile isimilo", Kusho uNgqongqoshe uMaSithole Moloi. Unqongqoshe uthi ngeke avume lishabalale isiko lokukhulisa kwezingane zamantombazane yingakho

umnyango wakhe uyohlala weseuka umkhosi womhlanga.

"Sekufanele siqinise nasebafaneni manje ukuze sibe nesizwe esiqotho ngokuphelele, ngoba uma sikulisa izintombi kahle kodwa abafana babe okhanda limtshela okwakhe bazobuya bazohlkumeza izintombi ezikhuliseke neziziphethe kahle", Kusho uMaSithole-Moloi.

Uqhuba ngokuthi umnyango Wezobuciko Namasiko uzoqhubeka nokusebenziana nezinhlaka zezokuphepha ukuze kungaphindi okwehla eminyaknei edlule lapho izintombi zaseMzumbe ogwini oluseningizimu yeKwaZulu-Natali zagingqika nebhasi zashona kwathi ezinye zalimala kanzima esigamekwnei okwasolakala ukuthi kwakunobudedengu ngasohlangothini lomshayeli webhasi. "Kulonyaka abezokuphepha bebenkanise yonke imizila ebheke nezibuya eNyokeni nase Ngwavuma behlola isimo sezithuthi kanye nesimo sabashayeli abahambisa izintombi uqobo" Kusho uNgqongqoshe. Yize umkhosi waseNgwavuma ube wusuku olulodwa kodwa owaseNyokeni uqhubekile nokuba yizinsku ezimbili njengoba ukuhanjiswa komhlanga esigodlweni kuqale ngolwesihiyanu ziysisihiyagalolunye kuMandulo.

Izinkulungwane zezintombi esezaqeda ukufunda yizona ezisebenzisa ithuba lokuhambisa umhlanga ngoLwesihiyanu.

Isilo siluleke izintombi ebezivela kusosonke isifundazwe nangaphandle ngisho naseSwazini ukuthi ziqhubeku nokuziphatha kahle futhi ziqapele umbulalazwe wezidakamizwa namahuzu abizwa ngama "blessing", azilutha ngobukhazikhazi maqede azipede ubuntombi azibekengcupheni yokuthelela nangezifo.

Ngesonto uMkhosi Womhlanga uphethwe ngokuthi umnyango Wezobuciko Nasiko ubambe isithangami nezintombi uzeluleka ngamathuba ahluka-hlukene empilweni kubala awamabhizinisi, awokufunda nawempilo ngokubanzi.

Izikhulumi bezisuka ezikhunganweni ezhikhulene kubala uNYDA, abezokusakaza uSABC, uLove Life, Umnyango Wezokuthuthukisa Komphakathi nezinye. Emva kwalokho zibhikle ingoma phambi kweSilo maqede zasayina incwadi eqinisekisa ukuthi aziphoqiwe ukuhamba umhlanga, iSilo savalelisa sazfisela uhambo oluhe kwahlakazekwa ngokuphepha.



**"Kuyasijabulisa siwumnyango ukubona izintombi eziningi ngakangaka kulonyaka zisuka kulolonke izwe zizoziveza ukuthi zikhona futhi zisasibambile isimilo"**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi



# IZINSUKU EZIYIKHULU UNGQONGQOSHE ENGENE EZINTANJENI ZOKUPHATHA UMNYANGO

SIMPHIWE NDWANDWE

**N**oma ethathe izintambo zokuhola uMnyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya sisimo simanzonzo njengaloku isifundazwe sisalokhu sizikhatha amanxeba ngenxa yesomiso esigubuzele indawo yonke kodwa uMhlonishwa uThemba Mthembu ukwazile ukuyibamba ishisa kulezi zinsuku eziyikhulu esesikhundleni.

Bekungakapholi ngisho amaseko ne engenile ehhovisi kodwa uhambele izindawo ezechlukene lapho ebebheka ukuthi abalimi okuyibona abagubuzekwe kabi yisomiso bangasizwa kanjani.

Kulaba balimi kukhona kubo abesifazane abalimela ukondla iminden yabo athe kungaba yinto enomqondo ukuba bathole ukunakwa okubafanele ukuze umphumela wokuzikhanda kwabo ungabonakali nje ngokuconsa kwamabhodwe kodwa nasemabhange bakwazi ukufaka amasente.

Lokhu uMthembu uthe kungenzeka uma bephuthunywa ngolwazi lokukhiqiza izitshalo ezilungele ukuba bahwe ezimakethe lokho okuyokwenza bangene bathi shi ebhizinisini lezolimo. Ukugqugquzela izakhamizi zesiFundazwe

saKwaZulu-Natali ukuba zigxile ekulimeleni ukuhweba yinto elotshwe phansi eqhingeni lokusebenza koMnyango elibizwa ngokuthi weGuuko oluNqala IweZolimo. Ngaleli qhinga uMhlonishwa uMthembu asebenzela phezu kwalo kujongwe ukuba labo ababengenayo indlela yokuba balime ngenhloso yokuhweba bangabe besasala njengaloku uMnyango wezoLimo uphokophele phambili ekuthuthukisweni komnotho wezindawo zasemakhaya. Ngaphandle kohlelo olwaziwa ngokuthi ngolwamapulazi omphakathi uMhlonishwa uMthembu uthi abavuke bazithathet nalabo abalima ngobodwana ngenhloso yokuzondla ukuze nabo bangene ebhizinisini lezolimo.

Kumjabulisile ukufika eMnyangweni kungahleziwe njengoba ezindaweni azihamble kumkhanye ukuthi abasebenzi bebevele bebhizi behambisa izidiso zemiphakathi okubalwa kuzo izigwedlo zamanzi okuphuza izinkomo ngisho nabantu, utshani bezinkomo nemijovo kuhalanganisa nemikhumiso obekuphakelwa bonke abantu abafanelekile ngenhloso yokubasiza bangakhahlanyezwa yisomiso kakulu. Kuzona lezi zinsuku



UNggongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu

eziyikhulu ethathe izintambo uMhlonishwa uMthembu ubuye wahambela nezinhlaka ezingaphansi koMnyango okubalwa kuzo i-Agribusiness Development Agency (ADA), uMjindi Pty Ltd neNtingwe Tea Estate eseNkandla. Zonke lezi zinkampani zilawulwa ngokuzimela kodwa zithola imali yokusebenza ngaphansi koMnyango njengaloku ziyingxenye kaHulumeni. Njengamanje uMhlonishwa usenesithombe esicace bha mayelana nokusebenza kwalezi zinkampani.

Njengaloku imvelaphi kaMthembu usezinyunyaneni ukucizelelile ukuthi abasebenzi bakaHulumeni kudingeka baphathwe ngezandla ezifudumele futhi yilokho okungenye yezinto ezisemqoka azimisele ukuba ibhekeliwe uma kuhalatshelwa phambili. Okunye okusemqoka akwenzile kube ukubonana nezinhlangano zemikhqizo lapho bekuboshwa amaxhama okuxhumana kwazise uMnyango uzibophezele ukuba kubekhona ukusebenza ngokubambisana ukuletha uguquko olunqala esifundazweni saKwaZulu-Natali.

Kumhlabe uxhwele okaMvelase ukubona isikhungo samadela esakhiwe eBhambanana eJozini njengaloku sekusele kancane ukuba siphothulwe futhi kumjabulisile ukuthi izinhlangano zabalimi zakuleya ndawo zizohlomula kakhulu uma sesivuliwe njengoba zizodayisa izinkomo bese kukhiqizwa inyama ezethunyelwa ezingxenjeni ezechlukene zeze futhi kuhule umnotho wakuleya ndawo.

Ngesikhathi efika eMnyangweni uMthembu wathi okuyikhona okuseqhulwini azimisele ukuba abhekane nakho ukupinisekisa ukuthi kuliwa nobuphofu, ukwentuleka kwamathuba

emisebenzi futhi kuvalwa igebe lokungalingani eliphakathi kwabadla izambane likampondo nalobo ikati elilele eziko kubo.

Ngabe lokhu uHulumeni uzokwenza kanjani? Ngokuba kuliwe nenkohlakalo futhi kuhanjiswe izidingo zemiphakathi ngendlela efanele futhi kwensiwe ngendlela esezeningi eliphezelu izinhlelo ezinhlanwelwe ukubhekana nalezi zinto ezilotshwe kwinqubomgomgo kaHulumeni.

UMhlonishwa uMthembu ukusebenza kwakhe ngalesi sikhathi sezinsuku eziyikhulu bekulokhu kulawulwa yimigomo kaHulumeni futhi kuhambisana nalokho okulotshwe kwi-manifesto yeqembu elibusayo.

Uthe uzimisele ukuthi umsebenzi wakhe wonke eMnyangweni uhambisane nohlaka olulawula ukusebenza kukaHulumeni kule minyaka yakamuva iNational Development Plan ngokunjalo ne-New Growth Path bese kuba yinqubomgomgo elawula ukupathwa kwezolimo kuhulumeni i-Agricultural Policy Action Plan. UMthembu uthi ekupheleli kosuku kumele wonke umsebenzi owenzwa nguMnyango uhambisane nalokho okulotshiweyo kuMthethosisekelo wezwe.

## Izinkundla zokubonisana mayelana nohlelo Iwama-Agri-Parks

LONDIWE NGIDI

Sekusemome ukuba kuqale ukusebenza kohlelo oludidiyele lokuletha intuthuko yezolimo emiphakathi yaseMakhaya kusetshenziswa ama-Agri-parks.

Izipathimandla zoMnyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya esifundazweni bezinomhlangano wokubhunga ngokuqala kokwakhiwa kwama-Agriparks okubhekeke ukuba akiwe ezingxenjeni ezechlukene zesiFundazwe obuseDube Trade Port eThekwini.

UHulumeni uholela ukusebenzia izinkulungwane zamahektha omhlaba ongasetshenziswa ngokuphelele ukule kwakhiwe ama-Agri-parks.

Enye yezizathu ezenze ukuba kwakhiwe ama-Agri-parks ukuthi kuqinisekiswe ukukhulisa komnotho futhi kuqinisekiswe ukuba khona kogudla esizweni sonkana. UNggongqoshe wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Themba Mthembu, uthe ukusungulwa kohlelo Iwama-Agri-parks kwakunjongo yakho ukuba kuphezwe ukuphindaphindwa kwemisebenzi eyodwa emazingeni kaHulumeni wesiFundazwe

noMasipala. Njengoba bekunomhlangano odidiyele izinhlaka ezechlukene uMthembu uthe inhloso ukuba kwensiwe indlela yokuthi uholelo Iwama-Agri-parks Iusetshenzenzwe lufaka zonke izinhlaka.

“Uma sihlose ukuba siqale umsebenzi wokwakhiwa kwama-Agri-parks kuyadingeka ukuba sibe nendlela yokukhulumisana.

Ukuxhumana kusemqoka kakulu. Ngale kwalokho lo msebenzi uyofaka nemoto eyiskorokoro ngoba kuyohiale njalo kuba nobuhixihixi,” kusho uMthembu.

Umphakathi uthe okaMvelase kumele ube yingxenye enkuleni embhidlangweni wokudala ukusebenziana njengaloku izwe libheke phambili ekusungulweni kwama-Agri-parks.

Uxwayise ngokuthi akumele ukuba abantu bafoqelwe ngemisebenzi abangazisiwe ngayo ngoba labo abenza kanjalo bangasuke babhekane nezimbila zithutha njengaloku imiphakathi ingathimula ngalokho okusuke kulethiwe.

Ngapho-ke okaMvelase uthe ukweyamaniswa kohlelo Iwama-Agri-parks neminyango eyehlukene



UNggongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu (kwasokunxele) noMnuz Mluleki Ndobe oyiMeya yoMkhandlu wesiFunda iHarry Gwala Isithombe: MBUYISELO NDLOVU

kaHulumeni noMasipala kuzothela izithelo ezinhle nxo kwensiwe ngokucopelela futhi kwalandelwa imigudu esemthethweni ebandakanya nacho ukuzibandakanya kwemiphakathi.

Esephetha uMthembu uthe ukwensiwa kwama-Agri-parks akumele nakancane kubhekwe njengendlela yokuba kugxilwe ebuchuleni bukusebenza nje

kuphela, amasimu, izitshalo nokunye okuthinta umkhiqizo kodwa kumele nohlangothi Iwabantu nje jikelele lubhekelwelwe.

Izindawo uHulumeni wesiFundazwe ahlele ukuba kuqale lo msebenzi kuzo kubalwa Amajuba eMadlangeni Mini silos, uMzinyathi Msinga Vegetable, uThukela uKwanda, UThungulu Insuze Irrigation scheme, Zululand

Bululwane irrigation scheme, ILembe Jikijela Umbumbano river valley, Ugu-Horse shoe Farm, UMgungundlovu Phatheni Farmers association kanye noMkhanyakude eNdumo. Ucwanningo ngezinye izindawo lapho kungakhiwa amanye ama-AgriParks lusenziwa nochwepheshe.

**“Uma sihlose ukuba siqale umsebenzi wokwakhiwa kwama-Agri-parks kuyadingeka ukuba sibe nendlela yokukhulumisana.”**



# BESULWE IZINYEMBEZI NGEZINXEPEHEZELO ABASUSWA EDANNHOUSER

PHUMZANI NDLANGAMANDLA

njabulo ibibhalwe ebusweni emphakathini wasoSizweni eNewcastle obuphume ngothi Iwalo ngesikhathi uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uMnu uThemba Mthembu, elethe izinxephezelo zalabo abasuswa endaweni yaseSitotoni naseSididinie Dannhauser. Lo mcimbi wokubuyiswa komhlaba ubusOsizweni Art Centre Newcastle mhla ziyi-12 kuMandulo kanti ubuhlelwe yihhovisi IoMnyango wezoLimo ngokubambisana neKhomishani yamaLungelo oMhlaba esifundazweni ngenhlosi tyokuzonxephezelab abahlukunyezwa baphinde bafuduswa ngumbuso wobandlululo. Lo mphakathi wahlkunyezwa isikhathi eside nguhulumeni wamaNgisi, babuye bahlkunyezwa owobandlululo swona owagcina ngokuwuphuca umhlaba woyisemkhulu eminyakeni ebalelw ngaphezu kweng-40 eyedlule. Lo mphakathi hubungasethembi ukuthi siyofika esikhathi esifana nalesi njengoba sisicelo sokubuyiselwa umhlaba wasifaka ngo- 1996 kanti futhi iningi labantu ababeqale nabo lolu hambo seashona. UNGqonqoshe uMthembu ephendula kulokhu uthe phakathi kwezinto ezibambezela

ukubuyiswa komhlaba kabantu yizinhlelo ezifana nokuhlunga labo abangosomathuba abafuna ukuhlomula ngokungemthetho.

"Lolu hlelo Iwaqala lunabantu abanigi kakhulu kwadingeka ukuthi kube nezinhlelo zokuhlunga abantu okungafanele bahlomule, ngakho-ke senza isiqiniseko singuMnyango ngokuxhumana nabantu bendawo nalobo abathintekayo kanye nezinye izinhla ezingasilekelela ukuze sifinyelele ngqo kulabo abafanele", kusho uMthembu.

Lo mcimbi ubuhanjelwe ngaboholi bezepolitiki okubalwa amakhansela neziMeya. IMeya yesiFunda Amajuba, uMnu Musa Ngubane, ibonge umphakathi yaphinde wabonga nomhlonishwa uMvelase ngokuzibophezelokwethembeka kwakhe ekuqinisekiseni ukuthi abantu bathotshwa amanxeba abawadabulwa abacindezel.

"Siabonga ukuzibophezeloka Ngqongqoshe nethimba lakhe njengoba namuhla nawu umvuzo wormsebenzi wakhe siyawubona, abantu bathathelwa umhlaba baphendulwa izincelebane zalabo ababaphuca umhlaba wabo", kusho uNgubane. Ugogo uGumede ongomunye wezisulu ezasuswa eSitotoni uthe kuyamjabulisa okwenziwa nguMnyango nakuba kuba buhlungu kakhulu uma ecabanga



UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnu Themba Mthembu, ngokuhlanganyela neMeya yesiFunda saseMajuba, uKhansela Musa Ngubane, nelunga leSishayamthetho sesiFundazwe, uNkk Phumzile Cele ngesikhathi benikezela ngesinxephezelokubuyiselwa kwemihlaba kuNkk Sbongile Mashaba. Isithombe: MBUYISELO NDLOVU

izigameko zokufuduswa kab. "Kwakunzima kakhulu sisuswa endaweni esasihlala kuyo sithalwa ngamaloli siyohlaliswa ematendeni, kwakuphoqa ukuthi siqale phansi sakhe imizi ngoba amatende ayebuye ashe silimale nezingane zethu. Imizi yethu yayibhidlizwa siqale phansi sakhe lapho sesibekwe khona ngoba sasingakhelwa eminye", kuchaza yena. UMnyango wokuBuyiswa kweMihlaba usebenzise izizumbulu zemali eyevile ku-R28 million ukwesula izinyembezi imindenengu-254 eyaphucwa ubunini

bendawo yahbidlizelwa nemizi. UNgqongqoshe unxuse labo abanxephezelwe ukuba bayisebenzise kahle imLI yesinxephezelo. "Ngikholwa ukuthi benifisa ukubuyelwa umhlaba wenu, bekungeke kusenzeka ngoba umhlaba sewaba yimayini futhi ngeke usasebenziseka kwezolimo. Siyaninxusa ukuba niyisebenzise kahle imali yesinxephezelo noyohlo-mkhulu benu bejabule lapho belele khona, asifisi-ke ukuthi kulezinsuku sibone izingane zenu sekuyizona ezipakayo emajiyintini", kusho

uMthembu. Ukhwele wadilika kulabo abagxeka uhulumeni noMnyango bethi awenzi lutho njengoba etho seziningi izindawo asezihambele ngezinhlelo ezahlukahlukene okubandakanya ukubuyiswa komhlaba kanye nezolimo. Uphethe wathi uMnyango wakhe uphezu kwezinhlelo zokuzama ukuphuthumisa izinhlelo zokubuyiswa komhlaba njengoba zibukeka sengathi zishaya ngelonwabu ngenxa yemigudu elandelwayo.

## Imbokodo ingenisile ekushayeleni imishini yoMnyango wezokuThutha

NONHLANHLA NDWANDWE

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ulokhu uqhubele nokuZibophezelokubuyelokuthuthukiseni abantu besifazene ngolwazi nangamakhono adingekayo nasekushayeleni imishini emikhulu enhlobonhlobo. Udaba IukaZanele Dube lungesinye sezibonelo zokuthi uMnyango ubasiza kanjani abesifazane ekusebenzeni ngokuzikhanda ekushayeleni imishini emikhulu lapho ubaqeqesha ngolwazi abaludingayo ukubhekana nezinselelo ezingaba ezobulili kanye neminyaka yobudala.

Ungomunye wabesifazane kwabanangi ozifundise ukuthi angasatshisa ukushayela lemishinikazi emikhulu kanye nokuqonda ukuthi ngokuthola uqequeso kanye nolwazi oludingakalayo yonke into ingeneka. Uqhuba uthi ukushayela le mishinikazi emikhulu nesindayo kumnika ugqozi

nokuZethemboka ukhulu. Waqala ukusebenza eMnyangweni wezokuThutha ngonyaka ka-2013 engena njengomshayeli wezimoto nogandaganda. Ngemuva kokuqala ukusebenza eMnyangweni wezokuThutha, yena nabanye ozakwazo besifazane bathola ukueqeshwa ekushayeleni zonke izinhlobo zemishini emikhulu nesindayo. Phakathi kwemishini ayishayelayo eNewcastle Area Office, kubalwa ama-TLB, oGrader, ama-Front-in Loaders nama-Excavators.

UDube ongowokuzalwa eMadadeni, eNewcastle uthi ubelokhu enesifiso sokuthi ngelinye ilanga abe ngomunye wabashayeli besifazane abashayela imishini emikhulu. "Bengihlale njalo ngikhuthazwa ukubona abantu besifazane abasebenza imisebenzi eyenziwa ngabantu besilisa ngithi nami ngelinye ilanga ngizogcina ngifana nabo. Namhlanje



sengkhuthaza abesifazane noma yikuphi abathanda imisebenzi yabo abavuke bazithatha balwa nomqondo wokuthi kunemisebenzi engeke yawkazi ukwenziwa ngabesifazane," kusho uDube.

Ngaphambi kokusebenzela uMnyango wezokuThutha, uDube wayesebenza ngengomshayeli

wamatekisi ahamba ibanga elide, ehambela i-Newcastle, uMgungundlovu, eThekwi naseGoli iminyaka eyishlanu. UDube ungumuntu wesifazane ongazibekile phansi nokholelwa ekutheni ukuze ukwazi ukushayela ogeleja nogandaganda neminye imishini kudinga phela ulwazi

UZanele Dube ekomunye wemishini emikhulu ayishayelayo. Isithombe: ZINGISA HLATHI

kanye nekhono kuphela hhayi ubulili. Eminyakeni eyedlule selokhu aqala ukusebenza uzipuzele isitifiketi sokumguyaza ukuthi athwale futhi ahambise okusaketshezi namakhemikhali anobungozi okufana nophethiloli, i-acid nodizili. Phakathi kwemisebenzi ayenza nsukuzonke kubalwa ukufakelwa kwamapayipi amanzi, alungise imisele evalekile, ashintshe amathayi ale mishini emikhulukazi ayisebenzisayo abuye alayishe inkwali emalolini.



# RAPE IS A CRIME

## 365 Days Anti-Women Abuse Campaign

### UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



# U-KAUNDA UFUNA UKUPHUTHUMISA UGUQUKO KWEZOMNOTHO

NONHLANHLA NDWANDWE noSIBONGISENI THABETHE

zinsuku ezilikhulu zokuqala  
engenile ehhovisi  
uNgqongqoshe  
wezokuThutha, ukuPhepha  
nokuXhumanisa uMphakathi uMnu  
uMxolisi Kaunda ziphele ihleka  
yodwa imiphakathi eminingi  
ezindaweni zasemakhaya  
njengoba uNgqongqoshe  
ememezele izigidi zamarandi  
esositshalwe kwingqalasizinda  
yezokuthutha.

UKaunda uhambele imiphakathi  
eminingi yasezindaweni  
zasemakhaya ukuyoletha intuthuko  
yemigwaqa, amabulohlo, irenki  
kanye nehhovisi  
lamalayisensi.Phakathi  
kwezindawo azihambele uKaunda  
ezinsukwini eziyikhulu selokhu  
ethathe izintambo  
kobenguNgqongqoshe walo  
Mnyango nosenguNdunankula  
wesifundazwe uMnu uWillies  
Mchunu, kubalwa i-Peacetown  
eMnambithi, iShowe, iNkandla,  
iDannhauser nezinye. Kuyona  
yonke le misebenzi yentuthuko  
abeyihambise kulezi zindawo,  
uKaunda ukuqinisekile ukuthi  
kuvuleleka amathuba emisebenzi  
ezakhamizini zakule ndawo  
nakosonkontileka abancane ukuze



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ehambisana nobuholi bendawo emcimbini wokuphendulwa kwesoyi lomgwao u-D280 eDannhauser ngeledlule. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

kuthuthuke imiphakathi yakulezi  
zindawo kusuke nekati eziko.

Lokhu kuhambisana futhi  
nokuzibophezel asekwenzile  
uNgqongqoshe uKaunda ukuthi  
ukulethwa koguqoko kwezomnotho  
kuzoba iyona ngqikithi yehlandla  
lakhe lokuphatha kulo Mnyango.

Ngokusho kwakhe uKaunda  
iKwaZulu-Natal ayisona  
isifundazwe esimpofu kangako  
kodwa "inselelo esibhekene nayo

ngeyokuguqula ezomnotho  
nokuqinisekisa ukuthi amathuba  
amabhizinisi afinyelela kuzo zonke  
izakhamizi zakithi."

"Enye into obekumele ngiyenze  
kuleli khulu lezinsuku ngikulesi  
sikhundla esisha bekungukwenza  
izakhamizi zikuqonde ukabaluleka  
koguqoko olusheshayo  
kwezomnotho ukuze angabi khona  
ozizwa esele ngaphandle  
kwenkululeko yenhlalo-mnotho.

"Indlela eziphendule ngayo  
izinhlaka ezaahlukene esengike  
ngahlangana nazo, kuhlanganisa  
nemiphakathi yasemakhaya,  
ikhombisile ukuthi abantu bakithi  
babhekene nenselelo enku  
okusho ukuthi kumele  
siluphuthumise ngempela uguquko  
kwezomnotho," kusho uKaunda.

Ube eseqinisekisa ukuthi  
uMnyango wakhe umatasu futhi  
uqhuba kahle ekwakheni iqhinga,  
iRadical Economic Transformation  
Strategy, elizokwethulwa maduze  
kwiKhabinethi yesifundazwe  
ukuba ligunyazwe.

Ekuqaleni kwakhe ukuqhuba  
umkhankaso woguquko  
Iwezomnotho, uKaunda useke  
wahlangana nemboni yamatekisi  
mayelana nokuqiniswa  
kobambiswano noMnyango  
ekugquuleneni imboni yamabhasi  
exhaswe nguhulumeni ukuze nabo  
babe neqhaza elikhulu kuyona.

"Sibuye sahlonza imisebenzi  
yengqalasizinda yokuthutha ukuthi  
izokuba yisizinda sokuphumelelisa  
uguquko kwezomnotho.

Ngenyanga kaJuly nje kuphela,  
simemezele izigidi zamarandi  
esositshale emisebenzini  
yemigwaqa ebalelw

kweyisithupha lapha  
esifundazweni. "Sizokwenza kube  
ngumgomu wethu ukuthi njalo  
osonkontileka bendawo  
abasafufusa abangaphansi kohlelo  
IoMnyango iVukuzakhe Emerging  
Contractor Programme nabo  
bayahlomula kule misebenzi nayo  
yonke eminye.

"Ingxene engu-30% wenani lethenda ngayinye sihlele ukuthi  
yabelwe osonkontileka abasafufusa. Izimpahla zokwakha nazo kumele  
zithengwe kosomabhzinisi bendawo,"

Ngenkathi ethula izinhlelo  
zengqalasizinda uthe kumhlabo  
umxhwele ukuthi ngaphansi  
kobuholi bakhe umphakathi  
kwesizwe saKwaKhoza eShowe  
nawo uzolungiselwa umgwaqa u  
D135 ozofakelwa itiyela  
njengokwesifiso esenziwa  
owayenguMongameli wakuleli  
ongasekho uDkt uNelson Mandela  
ngemuva kokuhambela le ndawo  
esenguMongameli wabona isimo  
esibi somgwaqa.

## Uhlelo Iwemfundo yabadala lubuya ukuzethemba kubasebenzi

### AKHONA DLAMINI

Ngesikhathi uMnu Nikithembu  
Mncibi emukela isitifiketi sakhe se-  
General Education and Training  
(GETC) Level 4 ngaphansi kohlelo  
Iwemfundo yabadala i-Adult  
Education and Training (AET),  
ubejabule engakwazi nokuzibamba  
futhi engakholwa ukuthi naye  
usehole ithuba lokuqhuba imfundu  
yakhe. Inhoso-ngqangi yalolu  
hlelo Iwe-AET ukwelekelela abantu  
abadala abangalitholanga ithuba  
lokufunda ngaphambilini ukuthi  
nabo bathole ithuba lokuthuthukisa  
imfundu yabo ukuze kuthuthuke  
izimpilo zabo.

UMncibi oyiWorker Aid  
eMnyangweni wezokuThutha,  
ubuye alekelele njengomshayeli  
ehhovisi IoMnyango elisePort  
Sheppstone. Waqala ukusebenza  
kulo Mnyango kusukela  
ngonyaka ka-1988.

Ungomunye wamakhulu abantu  
abadala abasebenzela uHulumeni  
wesiFundazwe saKwaZulu-Natal  
abaklyeliswe ngezitifiketi  
ngesikhathi kunomcimb  
wokunikezwa iziqu obuseSikhawini  
TVET College muva nje.

UMncibi utho bekulokhu kuyisifiso  
sakhe ukuthuthukisa impilo yakhe  
ngokuthi aqhube izifundo zakhe.  
Washiya isikole esasemabangeni  
aphansi kakhulu ukuze athole  
umsebenzi wokuziphilisa nomndeni



Abasebenzi boMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal baklyeliswa ngezitifiketi  
ze-GETC ngaphansi kohlelo luka-AET emcimbini obuseSikhawini TVET muva nje.  
Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

wakhe. "Baningi abantu abafana  
nami abangazange balithole ithuba  
lokufunda. Ngesikhathi ngisakhulu  
impilo yayinzima kakhulu ekhaya  
ngoba sasihlupheka kakhulu ngaze  
ngaphoqeleka ukuthi ngishiyie  
isikole ngiyofuna umsebenzi ngoba  
umndeni wami wawubheke mina  
ukuthi ngiwunakekele ngakho-ke  
sasingekho isikhathi sokuthi  
ngiyofunda. "Namuhla umndeni  
wami uyaziqhenya ngami.

Kwakuyisifiso sami sakudala  
ukuqedo izifundo zami futhi  
ngiyaziqhenya kakhulu  
ngokuzimisela kwami, nami  
ngizizwa ngibaluleke kakhulu  
emphakathini njengamanje," kusho  
uMncibi. Ngokocwaningo Iwezibalo  
zakamuva nje, esifundazweni  
saKwaZulu-Natal,  
babelinganisela ku-1.7 million  
abantu abangakwazi ukufunda  
nokubhala ngaphambi kokuthi

kusungulwe lolu hlelo Iwe-AET.

Lesi sibalo sesinciphe kakhulu  
ngenxa yokusebenza kwalolu hlelo  
ngempumelelo kanye nokuzinikela  
kwabantu ngokungena ngaphansi  
khalo. Baningi abantu abafana  
noMncibi ababebhekene nobuhla  
ngezikithi zobandulululo lapho  
imfundu yayiyivela kancane futhi  
bagcina bengalitholanga ithuba  
lokuqhuba imfundu yabo.

UMncibi ubonge kakhulu  
uMnyango ngokubanikeza ithuba  
lokuthi bafunde. "Ngiyabonga  
kakhulu eMnyangweni kanye  
nakothisha ngokusikhuthaza  
ngemfundu yethu. Ngiyazi ukuthi  
akulula ukufundisa abantu  
asebekhulile njengami ngoba phela  
thina asinawo umdlandla  
njengabantu abasha. Konke  
engikufundile ku-AET  
ngikusebenzia nsukuzonke,  
njengokufunda iphepha ndaba.

Namuhla ngihamba ngokuziqajqa  
nangokuzethemba," kusho  
uMncibi. UNgqongqoshe  
wezokuThutha, ukuPhepha  
nokuXhumanisa uMphakathi  
uMnu Mxolisi Kaunda uncome  
uHulumeni ngokuvula amathuba  
afana nalawa waphinda  
wahalalisela bonke abafundi  
abaklyeliswe ngezitifiketi  
ngaphansi kwalolu hlelo.  
"Ngimbonga kakhulu uHulumeni

wethu ngokusungula lolu hlelo  
olwenza umehluko omkhulu  
ezimpilweni zabantu bakithi futhi  
luphinde lifezekise namaphupho  
abo, ngiphinde nginibonge  
kakhulu ngokusebenza  
ngokuzikhandla ukuze nifezekise  
amaphupho enu futhi nthuthukise  
nezimpilo zenu. Nginifisela konke  
okuhle ngekusasa lenu futhi  
angikungabazi ukuthi lezi zitifiketi  
zenu zizonilethela impumelelo,"  
kusho uKaunda.

**"Kwakuyisifiso  
sami sakudala  
ukuqedo  
izifundo  
zami futhi  
ngiyaziqhenya  
kakhulu  
ngokuzimisela  
kwami, nami  
ngizizwa  
ngibaluleke  
kakhulu  
emphakathini  
njengamanje"**

**"Ingxene engu-30% wenani lethenda ngayinye sihlele ukuthi  
yabelwe osonkontileka abasafufusa. Izimpahla zokwakha nazo kumele  
zithengwe kosomabhzinisi bendawo"**



# ISITATIMENDE SOMPHATHISWA UDLUNGWANE SOKUQEDA IZINSUKU EZIYIKHULU (100 DAYS) EHHOVISI

■ Unyaka ka 2016 kube ngunyaka obukade ugijimisa kakhulu emnyangweni, ngoba besibhekene ngqo nezinhlelo zokukhuphula imiphumela yebanga leshumi, kwazise uMnyango awenzanga kahle.

**A**kukholakali ukuthi sesihlanganise izinsuku eziyikhulu siphathiswe uMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali. Kuyintokoza enkulu kimi ukusho ukuthi kuningi esesikwenzile siwuMnyango wezeMfundu kuzona lezinsuku eziyikhulu siphathisiwe. Ngenkathi singena kulelihhovisi, sathola amandla kanye nentshisekelo yokuthi sigxile ngqo emsebenzini esinqunyelwe wona ukuba siwenze, futhi siqinisekise ukuthi sigxila emsebenzini wokuthuthukisa imiphumela.

Konke lokhu kwakungeke kube impumelelo uma singahlangananga nabasebenzi boMnyango ngokwehlukana kwezhikhundla zabo ukuthi basichazele ngezinlelo zoMnyango. Unyaka ka 2016 kube ngunyaka obukade ugijimisa kakhulu emnyangweni, ngoba besibhekene ngqo nezinhlelo zokukhuphula imiphumela yebanga leshumi, kwazise uMnyango awenzanga kahle kwimphumela ka 2015.

Mhlazane singena kulelihhovisi sahlangabezan nezinkinga zokulwa kwabafundi okunye okwaholela ekutheni abanye balahlekelwe izimpilo zabo.

Kulezizigaba kubaleka khona abafundi ababelwa bodwa besebeanza izikhali eziyingozi. eFolweni High School, kwisiFundu sase Mlazi, sahlangabezan neximo lapho umfundu alahlekelwa khona impilo yakhe emva kokugwazwa ngomunye umfundu.

Thina njengoMnyango saqinisekisa ukuthi sibekhona ukuyoduduza umndeni olahlekelwe. Lokhu kwalandelwa isigameko se-Vedio kathisha wase Prince Tokotoko High School, kwisiFundu sase Zululand, eyatholakala ezinkundleni zokuxhumana enothisha wesifazane ebhaxabula abafundi ngesihluku. Saphinde sangenelela futhi kuleso sigameko. Saba nomhlangano nazo zonke inhlaka okwaholela ekumisweni kothisha owayethinteka.

Mangisho ngingananazi ukuthi abantu abenza izinto ezifaka uMnyango ehlazweni abanandawo kuloMnyango.

Siphinde sangenelela nasodaben iwasenDukwende High School, endaweni yaKwaMaphumulo, lapho uthisha wadubula wabulala umfundu Kanye nonina ekhaya labo.

Sikhulumo nje lothisha udonsa isigwebo ejele.



UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane.

## UKUTHUTHUKISWA KWE-NGQALASIZINDA

Eminye yemisebenzi esibekelwe yona njengoMnyango WezeMfundu kwisiFundazwe ukuba siqinisekise ukuthi sakha ngokufanele futhi silondoloze inqgalasizinda.

Sikwenza lokhu ngenjongo yokuqinisekisa ukuthi kwakhiwa isisekelo esiqinile sohlelo IwezeMfundu. Kuze kubo manje sesivule izikole eziningi ngifikile kuloMnyango.

Siphinde sazibophezela ekutheni kwakhiwe ezinye izikole kwezinye izindawo.

Ngingakusho kugcwale umlomo ukuthi siphinde sakuqinisekisa ukuthi kuzona zonke lezikole esizakhayo njengamanje sizibiza ngezikole zobuciko ezinobuxhakaxhaka besimanje obufanele kumanayiziphi izikole ezikwazi ukukhiquza abafundi abaphumelelayo.

Phakathi kwezikole esizivulile saphinde sabela imiphakathi ilezi ezilandelayo:

- Ukuphendula kwesoyi kokuvuselela eMavumangwane

endaweni yase-oYaya eMbongolweni, Eshowe.

- Savula ePhumlani High School eJozini.
- Kwavulwa Ilanga High School oPhongolo.
- Saphinde savula iGana Hoek eWeenen.
- Ukuvulwa kweSt. Chads High School eLadysmith.
- Kwaphendulwa isoyi kweSchools Trust eAdams College.
- Ukuvulwa kweTshanibeze High School oLundi.
- Ukuvulwa kwase Ekujabuleni Primary School eDumbe.
- Ukuvulwa kweShayamoya High School eKokstad.

Lezi ezinye zezikole esizivulile esikhathini sezinyanga ezintathu. Sifuna ukuthi sisahubeka nokwakha nokuthuthukisa izikole kwisiFundazwe.

## UKHLUKUNYEZWA KWABAFUNDI EZIKOLENI

Ezinsukwini eziyikhulu siphathiswe IoMnyango, sike sabhekana namacala amanangi athinta abafundi abahlukumezekile.

Kuwona lawomacala isikole iScottsville Primary School sibe ngesinye ekutholakale kuso ukuthi abafundi bahlukunyezwa ngokocansi ngumeluleki wezengqondo wakusona ilesikole. Muva nje, sike sabhekana nesimo esibucayi sathisha okusolakala ukthi ulale nezingane zesikole waphinde waqopho i-video benza ucansi yasabalala ezinkundleni zokuxhumana.

Lothisha ufundisa eKucabangeni High School eNquthu. Ngenkathi sithola umbiko ngale-video eqoshiwe sibe sesiphuthuma khona esikoleni siyohlangana nazozonke izinhlaka ezithintekayo.

Ngalo lolosuku sakhipha isimemezelo sokuthi kuzoba khona ithimba elizothunywa lizophenya ngalo loludaba. Kunabanye othisha abane (4) abamisiwe kusona ilesikole abasolakala ngokulala nezingane zesikole.

Sisashaqekile ngento eyenzeka eNquthu, sathola izindaba zomunye uThishanhloko owabekwa icala lokuhlukumeza ngokocansi.

Lowo thisha owaseZwide High School kwaNongoma naye umisiwe njengoba sikhuluma.

Izingqinamba ezbhekene nomphakathi zingeziye ezivembela inqubekela phambili ohlelweni Iwethu Iwezemfundo.

Sicela amalunga omphakathi, amabandla ezenkolo, nezinye izinhlaka zomphakathi, zisebenzisane nathi ukulwisanwa nazo zonke lezinto.

Sisungule uhlelo Iwentsha esengamaklume (Youth Directorate) ehlose ukugqamisa ngokusobala izimo izithinta intsha, kanye nezingqinamba zemiphakathi.

Emasontweni ambalwa adlule, sibe nemicimbi emibili lapho sihlanganise abafundi bamantomazane eXopo, nabafundi babafana endaweni yase Port Shepstone.

Kulemicimbi emibili eyayigqugqzelwa i-Youth Directorate, sasicija intsha yakithi ngobuhlakan obuzobasiza ukutheni bathathe izinqumo eziphusile.

IMfundu eseophelweni eliphakeme ayisoze yaphumelela ngaphandle kwendima edlalwa abazali. Yingakho sinxusa abazali ukuthi badlale indima enkule emfundweni yezingane zabo.

Siyethemba, futhi siyakholwa ukuthi ngokubambisana singenza luhlu kualokhu esesikwenzile

**"Mhlazane  
singena  
kulelihhovisi  
sahlangabezan  
a nezinkinga  
zokulwa  
kwabafundi  
okunye  
okwaholela  
ekutheni  
abanye  
balahlekelwe  
izimpilo zabo.**

**Kulezizigigaba  
kubaleka khona  
abafundi  
ababelwa  
bodwa  
besebeanza  
izikhali  
eziyingozi.  
eFolweni High  
School,  
kwisiFundu  
sase Mlazi,  
sahlangabezan  
a neximo lapho  
umfundu  
alahlekelwa  
khona impilo  
yakhe emva  
kokugwazwa  
ngomunye  
umfundu."**

**Bonke abazali kanye nezikole zomphakathi KwaZulu-Natal abaqinisekise  
ukuthi ukubhaliswa kwabafundi bebhaisela unyaka ka2017 kwenziwa  
ngaphambi kuka 31 October 2016.**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMhlonishwa Mthandeni Dlungwane

# UMNYANGO WEZEMFUNDU UTHULE NGOKUSEMTHETHWENI I READ TO LEAD CAMPAIGN

NOMONDE MNCUBE no VUMANI SHEZI

**O**thisha babephume ngothi lwabo emcimbini wokucija abafundi ngokufunda obubanjelwe e Scottville Primary School ngaphansi kwesifunda sase Mgungundlovu ngomhlaka 15 September 2016 KwaZulu Natal. Lomcimbi obuhanjelwe nawu Nksz Kulula Manona ongumqondisi waka Learning and Teaching Support Material (LTSM) kazwelonke ubenelikhulu isasasa. Lomcimbi ubuhanjelwe abasebenzi bomnyango, othisha kanye nothishanhloko abantu 150, izinhlaka ezibalulekile emnyangweni singabalala ithimba le Nalibali, Vodacom on Digital Libraries, Fundza Literacy Trust, SAIDE African Story Book, African Ignite, o-Subject Advisors bezifunda ezahlukahlukene kanye nondlunkulu uNompumelelo Mamchiza Zulu. Ekhuluma kulomcimbi, umqondisi omkhulu kophikweni lwaka Education Library Information and Technology Services (ELITS), uNksz Khanyi Dubazane, uchaze kabanzi ngenhoso yalo mcimbi. "Inhoso yalo mcimbi ukwethula ngokusemthethweni komkhankaso

we Read to Lead esiFundazweni saKwaZulu-Natal, ukwethula ngokusemthethweni kwamaqembu okuxhumanisa ngokokufunda (Reading Clubs Networks) esiFundazweni sakwa Zulu- Natal, Ukwethula izindlela zokucija abafundi ngokwemigomo ekufanele bafunde ngayo baphinde baqonde nendlela ekusebenza ngalo ikhalenda lesifundazwe, ukuxoxisana nokuphuma nesisombululo sokulwa nezingqinamba ezehlisa izinga lokufunda. Ukwabelana ngezindlela ezingasetshenziswa ezikoleni ukuthuthukisa indlela yokufunda, kanye nokuxhumana kwabafundi nokwabelana ngolwazi olunzulu lokufunda, kuphinde kuqinisekiswe ukuthi abafundi bayakuqonda ukubaluleka kokufunda izincwadi." Uphinde wenza nomzekelo wokuthi kukhona abafundi abazithola sebe ngaphumelelanga ezifundweni zabo ngenxa yokuthi baphendule imibuzo ebingabuzwanga ngenxa yoku ngawu qondi umbuzo ngendlela obuzwe ngawo. UNksz Kulula Manona uthe, "Lomcimbi weRead To Lead Campaign uzosiza abantwana ukuthi babone



UKhanyi Dubazana ongumqondisi waka ELITS. Isithombe: SBONELO QWABE

ukubaluleka kokufunda bakwazi okuqukethwe izincwadi zabo.

Ngaphansi kobuholi buka Mama uAngie Motshekga siyayiseka le-campaign futhi sizimisele ukuthi ibe impumelelo. Uphinde wasebenzisa lelithuba ukugqugquzelu othisha ukuba bafundise abantwana ngoku sebenzisa imitapo yowlazi engaphakathi ezikoleni zabo ukuthola lolo lwazi abaludingayo. Umqondisi omkhulu waka Curriculum Management and

Delivery emnyangweni Wezemfundo, uMnuz Mbongiseni Mazibuko uthe "Loluhlelo Iuzosiza kakhulu abafundi ukuthi bazethembe ngemfundu yabo ngoba uma ungakwazi ukubhala ngeke ukwazi ukufunda, uma ufuna ukubala kufanele ukwazi ukufunda.

Ukuze sibe nemiphumela emihle ka matikuletsheni kulonyaka kufanele kuqinisekiswe ukuthi abafundi bayaqondi into abayibhalayo futhi baphendula ngqo imibuzo ebuziwe

abanhlahlathi." Uphinde wanxusa othisha ukuba benze isiqiniseko sokuba izingane ziyazifunda izincwadi ezine ngenyanga ukuthuthukisa ulwazi lwabo.

Inhlangano ezimele yokuxhumana yakwa Vodacom ithembise okukhulu ukuzibophezelu ekunikeleni lesi sifundazwe ngomahambanendlwana bomtapoyolwazi kulezizikole ezihlwempu.

## OwezeMfundu ukhulisa abesifazane nabesilisa

NOMPUMELELO GASA

UMnyango wezeMfundu KwaZulu-Natal oholwa uMphathiswa wezeMfundu uMthandeni Dlungwane, ugqugquzelu ukukhulisa kwabafundi besifazane nabesilisa ngendlela efanele ukuze bakhule babe ngabantu abaqotho abaqotho. Lokhu kuvele mhla zingu 26 August 2016 lapho uMnyango uhambele isiFunda sase Harry Gwala, eXopo High School, ukuyothula izinkulumo ezakhayo kubafundi besifazane ngenhoso yokubakhuthaza nokubaqwashisa ngendlela ekumele baziphathe ngayo.

Obemele uMphathiswa kulomcimbi, uDkt u-Enoch Nzama, ongu Mqondisi omkhulu kwi gatsha Iakwa Curriculum Management and Delivery, ekhuluma kulomcimbi ukubeke kwacaca ukuthi uMnyango ubakhathalele abafundi besiFundazwe bebonkana.

"Kuyangijabulisa ukuba ingxenyemcimbi obaluleke kangaka ekubumbeni abantwana bethu besifazane.

Lomcimbi sihlose ngawo ukufundisa, sigqugquzele futhi sibe nezingxoxo ezakhayo nabafundi bethu besifazane ngenhoso yokungenelela ezinkingeni ezbakhungethe neziphazamisa ukuziphatha kwabo.

Loluhlelo luzosiza kakhulu ukubumba abantwana bethu ukuziphatha ngendlela eyamukelekile nokuthi bacaciseleke futhi bazi ukuthi othisha bakhona ukubakha ngendlela okuyiyona yona," kubeka uNzama.

Eghuba nenkulomo yakhe, uNzama ukucacisile ukuthi uMnyango uzmisele ekubenzi ingxenyeyakha abafundi



U-Dkt Enoch Nzama Obemele uMphathiswa, uMthandeni Dlungwane. Isithombe: SBONELO QWABE

besifazane besakhula bakwazi ukubona izinto okufanele nezingafanele ukuthi bazenze. "Kuwumbono nesifiso sethu ukuthi labantwana bakhule babe ngabesifazane abazimele futhi esiziqhenya kakhulu ngabo.

Inhoso enku yalomcimbi ukubeka ezithebeni ukubaluleka kokuziphatha komfundu wesifazane, ngikusho lokhu ngoba muva nje sesibona izinto ezinyantisa umzimba ezenziwa ngabantwana bethu.

Indlela abasebenzia ngayo izidakamizwa, ukuzibandakanya ebudlelwaneni nabantu abadala, ukusheshe bakhulelwane kanye nokunye okuholelele ekuthatheni isinqumo sokubacobelela nokuthi sibalalele ukuthi ngabe singasinganda kanjani lesi sihlava nokuthi sizwe ukuthi yini ebaholela

ekuziphatheni ngaloluhlobo. Kuyangijabulisa ukuthi namhlanje injongo yethu isekekumbeni umfundu wesifazane kanti nabo abazibekile phansi, ngikhuluma nje omunye wabafundi bethu u Inessa Rajah unqobe umncintiswano wama 2016 Queen's Commonwealth Essay Competition lapho okubalwa abafundi abantu 13 500 abebengenele umncintiswano.

Ukuphumelela kwakhe kuveza ngokusobala ukuthi abafundi bethu KwaZulu-Natal bangakheka kuze kufike ezingeni lapho behlonishwa emhlabenzi wonke jikelele," qujhuba uNzama.

UNzama ugqugquzelu abafundi ngokubaluleka kokufunda ngenhoso yokuthola ulwazi oluthe xaxa noludlulele kulokhu abakuthola emagumbini

okufundela, loluhlelo lubizwa nge Read to Lead Campaign.

Ngale komsebenzi owenziwa othisha emagumbini okufundela, uNzama ugqugquzelu abazali ukuthi babalekelele futhi babakhuthaze abantwana ukuthi bafunde nasemakhaya. uNzama uthe lokhu kungenzeka ngokuthi abazali babathengele izincwadi njengezipho uma kuwusuku lwabo lokuzalwa, uphinde wagqugquzelu nosomabhizinisi ukuthi banikelele izikole ngezincwadi.

UNzama ubuye wagqugquzelu othisha ukuthi babaphathe kahle abafundi njengabantwana ababazalayo.

Ubeye wadalula ukukhathazeka kwakhe ngothisha ababonaka bebulala ikusasa lezingane ngokuthi babe nobudlelwane bezothando nabantwana besikole.

*"Kuyangijabulisa a ukuba ingxenyemcimbi obaluleke kangaka ekubumbeni abantwana bethu besifazane"*

"Ngeke sikubekezelele siwuMnyango ukuzwa izindaba zothisha abanobudlelwane bezothando nezingane bazojeza ngesigwebo esibafanele.

Okunye okungikhathaza kakhulu Iesifunda singezinye esihamba phambili ngokuthwalwa kwamantombazane ngenhoso yokubaganisa, siwuMnyango asikugugquzelu ukuthwala kwamantombazane ngoba kulimaza ikusasa labo," Kubeka uNzama. uMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali, ngaphansi kophiko olwaziwa nge Transformation and Youth Development, uzmisele ngokuthuthukisa abantu abasha.

Ngaphansi kwaloluphiko, uMnyango ubuye wahlangana nabafundi besilisa lapho owenze okufanayo, ngenhoso yokubadodisa nokubanika amasu empilo.